

**INKULUMO YESABELOMALI YOMNYANGO WEZEMPILO (U-VOTE 7)
EYETHULWA MHLA ZI 12 KUNHLANGULANA WEZI 2013**

Somlomo

Ndunankulu oHloniphekile – Dkt Zweli Mkhize, Gubhela!

USihlalo naMalungu eKomidi eliBhekele ezeMpilo KwaZulu-Natali

Bozakwethu, Malungu oMkhandlu oLawulayo

Malungu aHloniphekile eSishayamthetho

IziMeya, amaKhansela namaKhosi

USihlalo naMalungu oMkhandlu oBhekelele iNgculazi esiFundazweni

INhloko yoMnyango wezeMpilo - uDkt Sibongile Zungu

IziMenenja zoMnyango wezeMpilo

AbaSebenzi bezeMpilo esiFundazweni sonke

Izicukuthwane ezikhethekileyo

UMphakathi waKwaZulu-Natali

Bafowethu noDadewethu

“IMISEBENZI KAHULUMENI IYABONAKALA”

Njengoba ngethula inkulumo yesabelomali yoMnyango wezeMpilo (uVote 7) namhlanje, nginokuzigqaja kepha ngokuzithoba uma ngikhumbula amazwi kaMnuz Michael Sidibé, Umqondisi oMkhulu we-UNAIDS, awasho ngesikhathi kunengqungquthela ye-UNAIDS/CAPRISA ngomhla 3 June 2013, eThekwini, lapho athi khona “Abaholi bepolitiki nabendabuko bahlanganiswe ubufakazi besayensi ukuqhubela phambili impi yokuthi kuphele isifo seNgculazi. Lokhu kuholele kwimiphumela enqala ekulweni neGciwane leNgculazi KwaZulu-Natali”.

Ngokuzithoba futhi ngikhumbula amazwi kaNdunankulu ngesikhathi ethula inkulumo yeSimo sesiFundazwe yonyaka wezi2013, lapho athi, “kungokokuqala emlandweni lapho iNgculazi neSandulela-Ngculazi ikhombisa izimpawu zokudamba. Siyehla isibalo sabantu ababulawa yiNgculazi. Selokhu sathatha izintambo ngonyaka wezi 2009, sikwazile ukwehlisa ukudlondlobala kweSandulela Ngculazi esiFundazweni kusukela kuma 39.5% kuya kuma 37.4%, okungumphumela wokusebenza ngokubambisana koMkhandlu wesiFundazwe obhekele iNgculazi kanye nazo zonke izinhlaka zezwe lethu ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zethu zokunqanda kanye nokuthi kutholakale imishanguzo yokudambisa igciwane, ziyaphumelela. Ngokusebenzisa ithimba eliyisipesheli longoti kwezempilo elizinikele elisabalale isifundazwe sonke elizoqalisa ukwelapha bonke abantu abafanelekile abayizi-550 000, manje sesingasho ukuthi eminyakeni emibalwa ezayo abantu angeke besalinda ngaphambi kokuba bathole imishanguzo. Impela, angeke kusaba khona ukulinda.”

Somlomo, lokhu ngikusho ngoba kwesekwa ngamaqiniso nemiphumela yocwaningo olunzulu lwezeSayensi kanye negalelo lamasu okusebenza. Impela, silubonile uguquko maqondana nesifo seSandulela Ngculazi neNgculazi. Njengalokhu ngaphambi konyaka we 1997 sasingekho isikhungo sethu sezempilo esake sabhekana nesimo esinzima njengalesi sobhubhane lwesifo seSandulela Ngculazi neNgculazi emlandweni – kuthe ngonyaka wezi 2000 lo mshikashika ebesibhekene nawo wagadla kwezwelelwa kwayimanxa sibona ukuthi akusekho ukujikela emva kwendlu. IsiFundazwe sethule umkhankaso obizwe nge-AIDS Challenge 2000, okuyiwona oyisisekelo sokuqalisa komshikashika wokulwa nalolu bhuhane esesiwe sivuka nalo ezikhathini ezinzima ngaphandle kokwehluleka; yingakho namhlanje sisho ngokuzigqaja sithi “*sekuntwela ezansi – Imisebenzi kaHulumeni lyabonakala*”. Sikusho lokhu ngokungananazi ngoba sesibonile ukwehla kwezinga leSandulela Ngculazi kwabesifazane abazithwele lisuka kuma 39.5% kowezi 2009 kuya kuma 37.4% kowezi 2011, (*Ante-Natal Survey*). Ngokuhambisana nalokhu, imizamo yethu yokuvikela ukwesuleleka kwengane kusuka kumama sekwehlise izinga lokwesuleleka kusuka kuma 19% ngowezi 2007 kuya kuma 2.1% ngoNtulikazi wezi 2012 (MRC Study: 2011). Somlomo kanye Namalungu eNdlu, le miphumela ingubufakazi obuyiqiniso bokuthi imiphumela ngqo yezempilo yesiFundazwe sethu iba ngcono.

Kulabo ababeke induku ebandla, abahambe nathi ibanga elide eminyakeni eminingi edlule namanje, ithimba labasebenzi abawazisayo umbono nempokophelo yoMnyango wezeMpilo futhi abakuqondayo ukubaluleka kokunikezelwa kwezidingongqangi emphakathini ngokunjalo basebenza ngokuzikhandla ngaphansi kobuholi beNhloko yoMnyango wezeMpilo, uDkt S. M. Zungu, kanye nethimba leziphathimandla, kubona ngithi: Ngiyabonga.

Siyazi ukuthi asiyizuzanga le miphumela emihle kwezempilo sisodwa futhi sifisa ukubonga amaqhawe angaNkk. H. Mgobhozi, uNkk. Bolane, uSolwazi Philda Nzimande, uDkt. Mthlane, uSolwazi R. Gumbi, uNkk. Nyasulu ngegalelo labo lokuhlahla indlela emkhakheni wezokuhlenga; kanjalo noSolwazi Professors Philpot, J. Coovadia, Green-Thompson, J. Moodley, M. Adhikari, uDkt. Larsen, emkhakheni wezemithi, ukubala nje abambalwa. Kungenxa yalawa maqhawe okuyiwona acaba indlela kwezokunakekelwa kwezempilo esiFundazweni sethu futhi asihlinzeka ngomgogodla oselekelela ekusindiseni impilo kanjalo nokuhlinzekela impilo nenhlalakahle yabantu bakithi. Simethulela isigqoko uMama Hendrietta MaNkutha Mgobhozi owasebenzela lesi siFundazwe ngenkuthalo iminyaka engama 50, intshisekelo nokuzinikela kwakhe kwaba sobala ngesikhathi ehlonza indlela ephiphile yokubelethisa - esebenzisa imitholampilo eyayakhiwe ngodaka, izimpahla zakhe zokusebenza kanye namabhodlela okufukamela izingane ezisanda kubelethwa. Wakwenza lokhu ngenxa yokubona izingqinamba kanye nokungabibikho kwezinsiza zezempilo emiphakathini yakithi. Wayaziwa ngokujikeleza indawo yonke yaKwaMaphumulo naseSidumbini, nanoma kungasikhathi sini, ebelethisa. Impela lo ngowesifazane ovelele ozifanele lezi zincomo esisanda kumhlonipha ngazo kanjalo nomklomelo obizwa nge-The Hendrietta Mgobhozi Award ozoba yingxenye yemiklomelo yabasenze ngokuvelele eMnyangweni wethu.

MALIBONGWE!

Somlomo, ngokufika kombuso wentando yabantu nenkululeko ngonyaka we 1994, kwafezeka iphupho lempilo engcono. UHulumeni obusayo oholwa yi-ANC esiFundazweni saKwaZulu-Natali sewusebenze ngokukhulu ukuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi izifiso namaphupho abo bonke abantu awashaywa indiva

kanjalo nombono nomphumelangqo okuphokophelwe kuwo othi “Impilo Ende Nenhle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika” kuyafezekiswa. Lo mbono uyingxenye yemiphumelangqo eyi 12 kaHulumeni futhi lokhu ubalulwe ngokufingqiwe eminxeni emine ebekwe eqhulwini eSivumelwaneni Esidingidiwe Sokunikezelwa Kwezidingongqangi Zomphakathi, okuyilena:

- Ukwelulwa kwesikhathi Esilindelekile Sokuphila
- Ukunciphisa izinga lokushona komama abakhulelwe nezingane
- Ukulwa neSandulela Ngculazi neNgculazi kanye nokunciphisa ingcindezi elethwa yilesi sifo eSifweni soFuba
- Ukuqinisa ukusebenza ngempumelelo kohlelo lwezempilo – okuhambisana nayo yizingxenyana zemiphumela eziyisi 8;
- Kanjalo nengcindezi yesifo esibhekene nayo sesifake umunxa wesihlanu kokubekwe eqhulwini, okuyilona, Izifo Ezingathethelani.

Ngaphezu kwakho konke lokhu, kumele siphinde sibhekane nezindaba ezimaqondana nokwelashelwa ukwethuka, ukulimala kanye nodlame.

SinguMnyango sesisebenze ngale minxa emihlanu ebekwe eqhulwini, okuyiyona kanye nemiphumelangqo ehambisana nayo okuzoba ngumongo wenkulumo yami namhlanje.

Somlomo, ngaphambi kokuba ngiqhubeke ngizothanda ukuba ngibonge nginconoze koSihlalo bethu ababili baphambilini beKomidi Elibhekelele Ezempilo; uMhlonishwa uLudidi noMhlonishwa uJohnson, kanye namalungu ale Ndlu ngezeluleko, ukweseka kanjalo nokuqonda abakukhombise kimi, iNhloko yoMnyango ngokunjalo neziPhathimandla zoMnyango. Ukuhlahla kwenu indlela ezindabeni zezempilo kusikhulisile futhi kwasikhombisa indlela ekuyiyona yona. Ngiphinde ngibonge uSihlalo wethu wamanje, uMama Maggie Govender, ngoholo nangokusiseka kwakhe.

Somlomo, kuyinhloso yethu namhlanje ukuba sibheke ukuthi sikuphi manje ngokomsebenzi esijutshelwe ukuba siwenze kanti futhi ngizothulela le Ndlu

ehloniphekile, esikuzuzile kanye nenqubekela phambili esesiyenzile, yize bezikhona izinselelo eziningi, ezitsha nezindala.

Ngakho-ke Somlomo, angiqhubeke ngibalule inqubekela phambili esesiyenzile ezinhlelweni nasemisebenzini yethu eminingi, okuyikhona okusiphumelelisayo emizamweni yethu yokufinyelela kuzo zonke izindawo nakubo bonke abantu ngokusebenzisa uHlelo lukaZwelonke loMshuwalense wezeMpilo.

UHLELO 1: UKWELULWA KWESIKHATHI ESILINDELEKILE SOKUPHILA

Somlomo, abemithombo yabezindaba basanda kubalula ngocwaningo olwenziwe yi-Africa Centre kubantu abayizi 101 000 endaweni yaseMkhanyakude. Ucwanningo luhlole ukuthi abantu abadala baphila isikhathi esingakanani ngokwejwayelekile esikhathini seminyaka yowezi 2000 kanye nowezi 2011, lwabe seluhlonza ukuthi, "...Ekuqaleni kweminyaka yowezi 2000, isikhathi sokuphila esilindelekile sabantu abadala kulo mphakathi sehla kakhulu, safinyelela eminyakeni engama 49.2 ngonyaka wezi 2003. Nokho-ke, emva kokwenyuswa kwezinga lokutholakala kwemishanguzo yokudambisa ubhubhane lweGciwane leNgculazi

(ART) emitholampilo nasezibhedlela zomphakathi, okwaqala maphakathi nonyaka wezi 2004, labe seliyenyuka izinga lokuphila kwabantu abadala” UJacob Bor, okunguyena oholo ithimba lababhali ngalolu cwanningo wathi, “Ukwenyuswa kwezinga lokutholakala kwemishanguzo yokudambisa ubhubhane ezinhlakeni zikaHulumeni sekuguqule impilo yalo mphakathi. Ngaphambi kokuba imishanguzo itholakale kalula, abantu abaningi babeshona beseminyakeni ekuma 30 nama 40. Manje abantu sebephila baze baye empeshenini.” *Kule ndawo yaseMkhanyakude iyodwa nje, sesibone uguquko lokwenyuka kwesikhathi sokuphila safinyelela eminyaqkeni eyi 11! Lolu shintsho luphinde luvezwe yimiphumela yocwaningo olwenziwe ngabeStats SA 2011, lapho kuvela ukuthi ukweluleka kwesikhathi esilindelekile sokuphila kwabesilisa nabesifazane selulekile. Kungumbono wethu ukuthi isiyabonakala imiphumela yamasu kanye nezinhlosongqangi ezisetshenzisiwe eminyakeni emine eyedlule ukulwa nesiFo seNgculazi.*

“IMISEBENZI KAHULUMENI IYABONAKALA”

Indlela Yokuphila EneMpilo Kanye NokuNakekela iMpilo

Somlomo, sikhathazekile sonke ngokuthi izifo ezihambisana nendlela yokuphila ziholela ekubeni nezifo ezingelapheki, okuyinto enomthelela ekushoneni kwabantu okulinganiselwa kuma 40% eNingizimu Afrika. UMnyango wethu usuqalise umkhankaso wokuqwashisa ngendlela yokuphila “impilo enhle nende” ngokuhambisa neSivumelwaneni Esidingidiwe Sokunikezelwa Kwezidingongqangi Zomphakathi kanye nomphumelangqo wesi 2.

NgoNhlolanja wezi 2012, sethule uhlelo olumaqondana nendlela yokuphila enempilo ngenhloso eyodwa nje, engukukhuthaza impilo kanye nokuphila kahle jikelele ezindaweni ezine ezihlonziwe. Lokhu kubandakanya izindawo zokusebenza, umphakathi, kanye nokubambisana kwezinhlaka ezizimele nezomphakathi. Ngaphezu kwalokho, uMnyango usuqinise izinhlelo zokukhuthaza indlela yokuphila enempilo ezikoleni zethu. Ngalokhu, njengamanje sekuphindwe kwethulwa Izikole Ezikhuthaza Ezempilo (HPS) ezingama 242, okungumehluko obonakalayo kusukela ezikoleni eziyi 167 onyakeni wezimali wezi 2009/2010.

SinguMnyango siphinde sakhuthaza abasebenzi bethu ukuba baphile kahle futhi babambe iqhaza kwezemidlalo. Onyakeni odlule sibe nabasubathi abangama 41 abangenela iComrades, kanti nonyaka babe ngama 55.

UHLELO 2: UKUNCIPHISA IZINGA LOKUSHONA KWABAKHULELWE NABANTWANA

EzeMpilo koMama Kanye NabaKhulelwe

Somlomo, ngonyaka wezi 2010/2011 uMnyango wahlonza isibalo esingama 363 somama abashona bekhulelwe ngenxa yezingqinamba abahlangabezana nazo bekhulelwe, okukhombisa ukwenyuka kwesibalo sanyakenye sama 318, futhi ngakuveza lokhu kukhathazaka kwami eNkulumweni yami Yesabelomali yangonyaka wezi 2012. Lesi sibalo besiphezulu ngokungajabulisi, nokho-ke kuyintokozo kimi ukusho ukuthi zibukeka zehla izibalo zokushona komama

abakhulelwe. Ekupheleni kukaNdasa wezi 2013, kwabikwa isibalo esingama 317 somama abashona bekhulelwe, okwehle ngama 46 ukuqhathanisa nonyaka wezi 2011. Ukuphumelela kwezinhlelo zethu esiziqalisile kube nomthelela omuhle ekwehleni kwezibalo. Yilezi izinhlelo esiziqalisile:

- Ngonyaka odlule KwaZulu-Natali uNgqongqoshe wezeMpilo uDkt. Motsoaledi noMama Graca Machel bethula uMkhankaso wokuGqugquzela uKwehliswa kweZinga lokuShona koMama abakhulelwe e-Afrika. Lokhu kwaqalisa uhlelo lokuqashwa kwamakhaya ahlalisa omama abakhulelwe abahlala kude nezikhungo zezempilo ukuze balindele kuzo uma bezobeletha;
- Ukwethulwa kwama-ambulensi anezinsiza zokunakekela abakhulelwe, asetshenziswa ukuhambisa abesifazane abakhulelwe ezikhungweni zezempilo- okungokokuqala ngqa ezweni!;
- Ukusatshalaliswa kwamathimba eziFunda odokotela abangogoti bezifo ezithile esiFundazweni sonkana, elinodokotela bokubelethisa, abezingane, odokotela bokubulala imizwa, odokotela bezifo zonke, abahlengikazi, abahlengikazi bokubelethisa kanye nabezizingane;
- UHlelo Lwezibhedlela Ezinentshisekelo Yokunakekelwa Kwezingane olukhuthaza indlela ehamba phambili emhlabeni yokondla ingane ngukuncelisa ibele;
- Umkhankaso obizwa ngePhila Ma Campaign, owethulwa nguMnyango ube yisasasa elikhulu. Senyukile isibalo sabesifazane abahlololwa umdlavuzwa wesibeletso. Uma kubhekwa isibalo sabesifazane abaneminyaka engama 30 (197 817) abangama 75%, bayizi 95 541 abahlololwa ngonyaka wezi 2009 (48.30%), uma kuqhathaniswa nonyaka wezi 2012, lapho kwabesifazane abayizi 209 298, bayizi 171 248 (81.8%) abesifazane abahlololwa umdlavuzwa wesibeletso. Seziqalile izinhlelo zokubhekana nomdlavuzwa webele, nakho okuyingxenye yohlelo iPhila Ma. Ithimba longoti emkhakheni obhekele umdlavuzwa webele lisemshikashikeni wokuhlanganisa umkhombandlela wezokulawulwa komdlavuzwa webele kusukela ekuhlolweni ezingeni lomphakathi kuya ekwakhiweni kwezikhungo ezibhekele umdlavuzwa webele ezibhedlela ezinkulu esifundazweni.

Somlomo, ngifisa ukuzwakalisa ukubonga kwami ngokwesekwa esikutholayo kubaHoli bethu, okuyilaba, iNdlovukazi uThandi, ngokuhola uMkhankaso Wokugomela Uvendle neSimungumungwana obe yimpumelelo; uMama wesiFundazwe, uDkt. May Mashego, ngokuhola Ezokuhlelwa komndeni kanye nokuklomelisa abasebenzi abangama 68 Kwezokuhlelwa Komndeni ngezitifiketi ngomsebenzi wabo oncomekayo; kanye noMama weSizwe, uMama Thobeka Madiba Zuma ngokuba yifolosi ekulwisaneni nomdlavuzwa wesibeetho.

Kuyangijabulisa futhi ukunazisa ukuthi ngizohambela zonke izifunda eziyishumi nanye ukuze ngixoxisane namaKhansela mayelana neqhaza abangalibamba emphakathini maqondana nempilo yomama abakhulelwe nezingane.

UNgqongqoshe wezeMpilo kuZwelonke, uDkt Motsoaledi wethule uhlelo olusha sha oluzokwelekelela ekunqandeni ukushona kwabesifazane ngenxa yomdlavuzwa wesibeetho. Enkulumweni yakhe yesabelomali ayethula mhla ziyi 15 kuNhlaba wezi 2013, wamemezela ukunikezelwa komgomo iHPV (human papilloma virus) ezinganeni zamantombazane ezineminyaka eyisihyagalolunye nezineyishumi ezikoleni ezingaphansi kohlelo i-Quintile 1, 2, 3 kanye 4, kusukela ngoNhlolanja wezi 2014. Somlomo, lokhu kugonywa kwezingane kuzokuba nomthelela omuhle ekuvikeleni umdlavuzwa wesibeetho. Kumanje izibalo zabantu ababulawa yilesi sifo zilinganiselwa ezi 3 500 ngonyaka. Nakuba lo mgomo umba eqolo kodwa imihlomulo yawo ingaphezu kwezindleko zawo. Ngifisa ukuba iNdlu iqaphele ukuthi yize noma kube nokuncishiswa kwesabelomali kwezempilo kulo nyaka wezimali naseminyakeni elandelayo, kuzomele kwengezwe imali maqondana nalo mgomo. Lokhu kuzobandakanya uhlelo lwezempilo ezikoleni olunazo zonke izinsiza oluzoqhutshwa ngomfutho futhi oluzoba nomthelela omkhulu kwezezimali. UMnyango uzophinde uqinise izinhlelo zawo zokuhlolola umdlavuzwa webele ezizokwenza abesifazane bathole usizo kalula futhi balawule lolu hlobo lomdlavuzwa; lena yindlela yokuqinisa umkhankaso wethu iPhila Ma.

Muva nje sibenenhlanhla yokuhanjelwa yithimba elivela kwi-Africa Cancer Care Centre ezinze eHouston, eTexas eMelika elalize ngenhloso yezindaba zezokwelapha esiFundazweni sethu. Lokhu kubonisana nabo inhloso yako kwabe kungukugqamisa izingxenye ezimqoka maqondana nokunakekelwa komdlavuzwa,

kanti okufundwe lapho kuzokwelekelela uMnyango njengoba siqinisa ukusebenza kule ndawo.

Somlomo, nginethemba lokuthi izinhlelo zethu kulo mkhakha wezempilo yomama abakhulelwe nakanjani zizothela izithelo ezinhle kwezempilo futhi zizofaka isandla ekusindisweni kwempilo yabesifazane esiFundazweni sakithi, ngaleyo ndlela zizoletha imiphumela emihle, kanjalo kuholele ekunyukeni kwesikhathi esilindelekile sokuphila.

EzeMpilo YeziNgane

Somlomo, njengoba sazi ukuthi izibalo zokushona kwezingane zibeletwa azishintshile futhi zilokhu zisame kweziyi 14/1000 kwezizalwa ziphila, silwela ukufinyelela esibalweni sikazwelonke esibekiwe esiyi 12/1000 ngonyaka wezi 2014. Isibalo sokushona kwezingane zizelwe sesehlile kusuka ema 40 ngonyaka wezi 2009 kuya ema 30 ngowezi 2011, okukhombisa ukuthi vele sesiseqile isibalo esibekiwe sonyaka wezi 2014 sama 36. Kanjalo nesibalo sokushona kwezingane ezingaphansi kweminyaka emihlanu naso sehlile kusukela kuma 56 ngonyaka wezi 2009 kuya ema 42 ngowezi 2011, kanti nalokhu kukhombisa ukuthi siseqile isibalo esibekiwe esingama 50 sowezi 2014.

Somlomo, sithanda ukubonga ukwesekwa esikuthola kubazali maqondana nokugonywa kwezingane futhi sifisa ukugqugquzela amalungu ale Ndlu kanjalo nabaHoli bezinhlaka zonke zomphakathi ukuba badlulisele emphakathini umyalezo wokubaluleka kokugonywa kwezingane. Sisanda kuphuthula umjikelezo wokuqala wokugomela izingane uVendle neSimungumungwana. Isibalo ebesibekiwe bekungesezingane eziyisigidi esi 1.2, kumanje sesifinyelele kuma 89% walesi sibalo. Ngifisa ukudlulisa ukubonga iNdlunkulu kanye naMakhosi ngokuseseka. Umjikelezo wesibili walo mkhankaso ozoqala maphakathi noNhlangulana, ozothatha amasonto amabili futhi kuzobe kuhlolwa isifo sofuba kanye nokungondleki.

Somlomo, ukwethulwa kwale migomo emibili okuyi-Prevenor yokunciphisa amathuba okuba izingane zingenwe yiNyumoniya kanye ne-Rotatrix yokuvimbela isifo sohudo ezinganeni, kube nesasasa elikhulu. KwaZulu- Natali sesihambe kakhulu maqondana nokunciphisa izinga labalethwa ezibhedlela zethu eziningi ngenxa yesifo sohudo,

kanti futhi iwadi eliqondene nezifo ezihambisana nohudo esibhedlela saseNgwelezane selavalwa. Singasho ngokungananazi ukuthi impela sibe negalelo elikhulu ekunciphiseni isibalo sabaphathwa uhudo ngama 70% ezweni lonke.

“IMISEBENZI KAHULUMENI IYABONAKALA”.

Ukusheshisa lo msebenzi wokwehlisa izinga lesifo sohudo, sizokwethula emphakathini uhlelo lwezizinda ezizobizwa ngePhila Ngane ukuze kuhlinzekwe ngokuqapha okukhulu kanye neminye imisebenzi yokuvikela izingane, kuhlenganisa nokwelashwa kwesifo sohudo kanjalo nokungondleki emphakathini. Lolu hlelo lungumhlahlandlela woMkhandlu wesiFundazwe Obhekelele iNgculazi njengoba sizobe siluvivinyi oGwini, eMgungundlovu kanye naseZululand.

UHLELO 3: UKULWA NEGCIWANE LESANDULELA NGCULAZI KANYE NOKWEHLISA UKUHLOBANA KWAYO NESIFO SOFUBA

Somlomo, siyazi ukuthi iKwaZulu-Natali ihamba phambili ngokukhahlanyezwa yigciwane leSandulela Ngculazi, neNgculazi kanye nesiFo soFuba (TB); izinga eliphezulu lokushona kwabesifazane bebeletha kanye nezingane ezishona zizalwa, nezibalo ezishaqisayo zokwanda kwezifo ezingathathelani. Ngaphezu kwalokhu kunezinga eliphezulu labalashelwa izigameko zodlame kanye nokwethuka.

Kuzo zonke izinhlelo zethu sigqugquzela uguquko endleleni yokuziphatha, lokhu kuzokwenzeka ngokusebenzisa izinhlelo zokufinyelela emphakathini kanjalo nokusebenzisana nababambiqhaza abafanele. Lo myalezo ophuma kuMhlonishwa uNdunankulu usobala uma ethi, “Uma iNingizimu Afrika ingafezekisa inhloso yayo yokuba yizwe elingenaso iSifo Sofuba, iSandulela Ngculazi kanye nokucwaswa ngenxa yalezi zifo, kuyomele kube yiKwaZulu Natali eholo lo mkhankaso.”

Ngowezi 2009 uMengameli waphinde wamemezela izindlela ezintsha zokulwa neSandulela Ngculazi kanye neNgculazi kanti futhi enkulumweni yakhe mhla kugujwa usuku lukaZwelonke lweNgculazi, uMengameli wathi: “Akumele sizithathe kancane izibalo kanye nomthelela kumbe sishaye indiva le ngwadla esibhekene nayo. Futhi lolu bhuhane aluqondene nezibalo, luqondene nabantu, imindeni,

kanjalo nomphakathi". Ngalolu suku waphinde wamemezela umkhankaso wokugqugquzela bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuba bahlololwe igciwane leSandulela Ngculazi.

INGCULAZI KANYE NESANDULELA NGCULAZI

UHlelo OluQondene NokweLulekwa Kanye NokuHlolelwa iGciwane LeSandulela Ngculazi

Somlomo, indlela entsha yokweluleka kanye nokuhlololaleli gciwane iyashintsha ekubhekeleni iNgculazi nje, sekuzosetshenziswa indlela yokunikezela ngazo zonke izinsiza ngokubanzi kuzo zonke iziguli ngesikhathi zihambela izikhungo zezempilo eziseduze nazo, kubandakanya:

- Ukwelulekwa kanye nokuHlolelwa iSandulela Ngculazi
- Umfutho wegazi (Hypertension)
- Isifo sikashukela (Diabetes mellitus)
- Ukushoda kwegazi emzimbeni (Anaemia)
- Ukuhlololwa isifo soFuba (izimpawu ezibonakalo)
- Ukuhlololwa okuphelele kwesiFo soFuba ngokuhambisana nezimo zesiguli

Somlomo, selokhu kwethulwa umkhankaso wokuHlolwa kanye Nokwelulekwa ngeSandulela Ngculazi ngoMbaso wezi 2010 esiBhedlela i-Edendale, abantu baKwaZulu-Natali basukumele phezulu futhi baweseka lo mkhankaso.

Kuthe kuyophela uNdasa wezi 2013 bayizi 7, 857, 586 abantu abesebelulekiwe, abayizi 6, 832, 992 bahlololwa iSandulela Ngculazi kwathi abayizi 5786,365 bahlololwa IsiFo soFuba kanti bayizi 887, 688 abadluliselwa emitholampilo ukuze bayohlolwa ngokunzulu maqondana nesiFo soFuba.

Bayisigidi abantu abathola ukwelulekwa, kepha-ke abazange besahlololwa iSandulela Ngculazi.

Impela siphumelele kulo mshikashika!

Sizobalula okumbalwa ezintweni ezenze lo mkhankaso waba yimpumelelo, okuyilokhu:

- Yiqhaza elisemqoka elibanjwe nguMkhandlu wesiFundazwe obhekele iNgculazi, oholwa nguMhlonishwa uNdunankulu, onegalelo elibonakalayo kulo mshikashika wokulwa nalolu bhuhane.
- Ukuqaliswa koHlelo olusha lwezokwelulekwa nokuhlololwa iGciwane (PICT), okuyilona olwaholela ekutheni kuqeqeshwe abahlengikazi abayi 1 133 abaqeqeshwa ngowezi 2011.
- Ukusabalalisa lo msebenzi ezindaweni ezinobungozi bokutheleleka ngegciwane okungamarenki amatekisi, ilapho abamaloli behlaba khona ikhefu, amanyuvesi, amajele, amapulazi kanye nezimboni.
- Ukwenyusa isibalo sezindawo ezihlolela igciwane sisuka kwezingama 23 ngowezi 2008 kuya kwezingama 75 ngowezi 2012
- Ukuqaliswa koMkhankaso obizwa nge“**First Things First Campaign**” ezikhungweni zemfundo ephakeme ngenhloso yokugqugquzela abafundi ukuba bayeke izinto ezizobafaka engozini nokuthi bahlololwe igciwane ukuze bazi ngesimo sabo sempilo.
- Izinhlelo zethu zokuqinisa ubudlelwano namakhemese kanye nabezitimela yizo ezabenza baba nesasasa futhi babamba iqhaza kulo mkhankaso.

Lo mkhankaso uphinde waqiniswa ubudlelwano namakhemese kanye nabezitimela ababambe iqhaza kulo mkhankaso.

Ukwelapha NgemiShanguzo Yokudambisa iGciwane

Somlomo, besengibalule impumelelo yethu ekulweni neGciwane leSandulela Ngculazi neNgculazi uqobo ngasekuqaleni kwenkulumo yami, ngaphezulu kwale mpumelelo siphinde saphumelela kulokhu okulandelayo:

- Ukwehla kwezinga leNgculazi isuka ku 1.3% ngowezi 2009 (kuZwelonke), siya ku 1.1% ngowezi 2012 kuhambisana nePhuzu lesithupha lemiGomo

yoHlelo lweNhlango yeZizwe ethi masime bese sinciphisa ubhubhane lweNgculazi.

- Ukunciphisa izibalo zababulawa yisifo ezihambisana nengculaza kusuka 67, 429 ngowezi 2008/9 kuya ku 54, 337 ngowezi 2010/11.
- Izinga leGciwane leNgculazi kwabaneminyaka eyi 15 kuya kweyi 19 kwabesifazane abakhulelwe lehla lisuka ku 22% ngo 2009 liya ku16.8% ngowezi 2012.
- Izinga leGciwane leNgculazi kwabaneminyaka engama 20 kuya kwengama 24 kwabesifazane abakhulelwe lehla lisuka ku 37.2% ngo 2009 liya ku 33.3% ngowezi 2012.

“IMISEBENZI KAHULUMENI IYABONAKALA”

Somlomo, isiFundazwe siyazigqaja ngokuba kube yiso esivelele ekuhlinzekeni ngemishanguzo yokudambisa igciwane ezweni kanjalo nasemhlabeni wonke. Isibalo sezikhungo zezempilo senyuke sisuka kuma 89 ngowezi 2008 safinyelela kuma 607 ngowezi 2012. Lokhu kwafezekiswa ukuthi kunyuswe ukunikezelwa kwemishanguzo eziKhungweni zezeMpilo okwaba ngokusabela kwikhwelo likaMengameli ngonyaka wezi 2009 maqondana nokunikezelwa kwezinsiza zeSandulela Ngculazi kanye nesiFo soFuba esikhungweni esisodwa. Ukuze kwenzeke lo msebenzi uMnyango waqalisa uhlelo lokuqeqesha abahlengikazi ngokunzulu ukuqinisekisa ukuthi ukunikezelwa kwezinsiza akubhekani nodokotela kuphela kodwa nabahlengikazi sebengawenza lo msebenzi.

Lokhu kwaholela ekutheni kuqeqeshwe abahlengikazi abayi 1 578 oHlelweni olubizwa ngeNurse Initiated and Managed ART kusukela ngonyaka wezi 2010 kanti futhi bangama 400 asebelungele ukuthola izitifiketi njengamanje. Ngaphezu kwalokho bayi 150 abahlengikazi abaqeqeshelwa ukuqeqesha abanye kanti futhi bayi 155 odokotela abaphothule iDiploma in HIV and AIDS Management. Isibalo seziguli ezisohlelweni iHighly Active Antiretroviral Therapy senyuka kusukela ezi 225 389 ngonyaka wezi 2008 kuya kwezi705 024 njengamanje, okube nesandla ekunyukeni kwesibalo seziguli eziyi 1.9 million ezithola imishanguzo (ARVs) ezweni lonke. Okunye okube nomthelela omkhulu ukuguqulwa kwenqubomgomo okuholele ekubeni kuguqulwe umgomo wokufaneleka ukuthola imishanguzo, kanje:

- Lenyusiwe izinga leCD4 lisuka kuma 200 liya kuma 350 kubo bonke abantu kanjalo nabesifazane abakhulelwe.
- Ukwelashwa kwazo zonke iziguli ezinesifo soFuba/iSandulela Ngculazi ngaphandle kokubheka iCD4 count.
- Ukwelashwa kwazo zonke izingane ezineSandulela Ngculazi ezineminyaka engaphansi kweyi 5.

Somlomo, “Imisebenzi kaHulumeni lyabonakala” futhi ukuqinisekisa lokhu, uMbiko wabakwa-Old Mutual owashicilewa kwiBusiness Day yamhla ziyi 10 kuMasingana wezi 2013 uveza ukuthi: “izinga labasebenzi ezinkampanini abathatha umshwalense wokushona kwa-Old Mutual selehle ngama 20% phakathi konyaka wezi 2008 kanye nowezi 2011 - ukwehla kwalesi sibalo kukhombisa ngokusobala ukuthi imizamo kaHulumeni yokwelapha abagulayo iyaphumelela. Ucwangingo olwenziwa yizinkampani zezezimali olusanda kwethulwa, luhambisana nemiphumela yocwangingo lwangonyaka odlule olwenziwa uMkhandlu woCwangingo lwezeMpilo olwathola ukuthi isikhathi sokuphila kwabantu esilindelekile senyuke saze safinyelela eminyakeni engama 60 ngowezi 2011 njengoba sasikade singama 56.5 ngowezi 2009 njengoba bembalwa abantu ababulwa yiNgculazi. Imiphumela yocwangingo lwakwa-Old Mutual nayo ihambisana nombiko wakamuva we-UNAIDS, owahlawumbisela ukuthi izibalo zamazwe asemazansi ne- Afrika zokutheleleka ngeSandulela-Ngculazi zehla ngama 25% phakathi konyaka wezi 2001 nowezi 2011.”

Umbiko ubuye ucaphune umeluleki we-Old Mutual’s Group Assurance, uMnu Neil Parkin, owathi, “akukholakali ukuthi lolu bhuhane lungase luphele kodwa-ke ucwangingo luyaveza ukuthi kukhona imizamo esiyenziwe yokulwisana neSandulela Ngculazi isiqala ukukhombisa impumelelo”.

UkuNqandwa KokuTheleleka KweNgane NgeGciwane LiSuka KuMama

Somlomo, ngibona kusemqoka ukuba wazi ukuthi isiFundazwe sesikwazile ukwehlisa izinga lokutheleleka kwezingane ngegciwane leSandulela Ngculazi lisuka komama. Loku kwehla kubalulwe embikweni woMkhandlu oCwanginga ngezeMpilo

(iMRC), owaveza ukuthi IsiFundazwe sesikwazile ukwehlisa ukutheleeka kwezingane ngegcwane kusukela kuma 20.9% ngowezi 2005 kuya kuma2.2% ngoNtulikazi wezi2012. Sizibekele ukuthi ngowezi 2013/14 isibalo sibe sesehle safinyelela ku 1.4 % nangaphansi.

iThebula elikhombisa ukusebenza kwe PMTCT:

UNYAKA	2009	2010	2011	2012
IZIBALO ZAPHAMBILINI	9.5%	5.7%	3.4%	2.2%
% UKWEHLA	-	3.8%	2.3%	1.2%

Impumelelo yethu mayelana nalokhu kungenxa yezinhlelo zethu eziningi ezibe yimpumelelo eminyakeni eyi 5 edlule, kubandakanya nokuqaliswa kohlelo lokudambisa igciwane kulabo abafanelekile ukuthola imishanguzo yokudambisa igciwane, ukunikezelwa ngemishanguzo ARV kulabo abanukubezwe ngokocansi okwabuye kwabuyekwezwa ngowezi 2009, okwaqala kwaba yiphilisi elilodwa leNevirapine kwase kuba ngamabili okwathi ngokuqhubeka kwesikhathi kwashintshelwa kwiTruvada kwathi izingane ezizelwe zanikezwa umuthi i-Nevirapine. Kwabuye kwagcizelelwa ukuba kusetshenziswe indlela ephephile yokuncelisa ibele - njengoba kwalayela uMengameli, uMnu. J. G. Zuma.

Somlomo, ukwengeza kulokhu okungenhla, sekwenziwe imizamo ehlabahlosile yokuqhamuka namasu okuvikela Izifo ezihlobene neNgculazi kanye neSandulela-Ngculazi kanjalo nezinye izifo ezithathelana ngokocansi. Sesisebenzise amasu ethu okuvikela leli gciwane ezindaweni zomphakathi ezinjengamarenki amatekisi, izindawo zamakhosi, amahhovisi kamasipala, amabhishi, izimakethe, izitolo kanye nezinye izindawo zomphakathi lapho sigxile kakhulu ekwelashweni kweHCT, iSTI kanye nokusatshalaliswa kwamakhondomu. Lo mzamo sewuholele ekwenziweni ngcono ukusatshalaliswa kwamakhondomu njengalokhu sesisabalalise ayizigidi ezingama 84 abesilisa kanye nayizi 1,337,485 abesifazane ngonyaka wezi 2012 uwodwa. Kulo nyaka sihlela ukusabalalisa ayizi 212 000 000 abesilisa kanye nayizi 2 800 000 abesifazane njengendlela yokubavikela kuleli gciwane.

UkuDidiyelwa KokuNikezelwa KweziNsiza ZesiFo SoFuba/neSandulela Ngculazi

Somlomo, isiFo soFuba siyimbangela ehamba phambili ekufeni kwabantu KwaZulu-Natali futhi siyazi ukuthi siyavikeleka futhi siyelapheka. Balinganiselwa kuma 70% abantu abagulela ukufa ngenxa yesiFo soFuba kanye neSandulela Ngculazi KwaZulu-Natali. Phezu kwezibalo ezishiwo ngenhla, sibuye sibe nenqubomgomo ebizwa nge-Isoniazid Preventive Therapy (IPT) eyaqaliswa ngowezi 2010. Sihlela ukunciphisa ubungozi bokutheleleka ngeSifo soFuba ngama 40% kuya ku 60 %, kulo nyaka wezimali (wezi 2013/14). Sesiqashe sabuye saqeqesha abasebenzi abayi 1 526 abazokuba yingxenye yohlelo lokuLawulwa kweSandulela Ngculazi neNgculazi kanjalo nokulawula isiFo soFuba. Sibuye sasingatha i-IPT Indaba ngowezi 2012, ebiqondiswe kubasebenzi basemitholampilo, uhlelo olwasiza ekwenzeni ngcono izinga le-IPT kusukela kuma 17% ngowezi 2010 kuya kuma 52% ngowezi 2012.

Somlomo, Imishanguzo yeSifo Sofuba isiyatholakala KwaZulu- Natali futhi isikhona kuzo zonke ikhungo zezempilo zomphakathi kanti zonke izikhungo ezingama 779 zihlinzeka ngohlelo lokunikezela ngezinsiza zesiFo soFuba neSandulela Nculazi ngendlela edidiyele.

UMnyango usuphinde waqalisa ngempumelelo uhlelo olusabalele yonke indawo lokulawulwa KWESIFO SOFUBA esingasazweli emithini yokwelapha (I-DR-ISIFO SOFUBA/ ISANDULELANGCULAZI futhi njengamanje kunezikhungo eziyi 7 zokulawulwa kweSIFO SOFUBA esingasazweli emithini yokwelapha kanye nesisodwa esibhekelela konke.

Isibhedlela iThekwini-King Dinuzulu kuseyisona sibhedlela esisebenza kahle kakhulu esiFundazweni, ekwengameleni iziguli kanye nezingane ezineSifo sofuba esingasazweli emithini kuso sonke isiFundazwe.

Sibuye sasungula amathimba angama 97 esifundazweni sonkana ukuze ahambele iziguli ezingakwazi ukufinyelela esikhungweni sezempilo kahlanu esontweni. Indlela ebhekela yonke imikhakha ngokuphelele eqalwe yilawa mathimba yekelelele ekwehliseni isibalo seziguli ezelashelwa ISIFO SOFUBA sisuka e 127 939 ngowezi 2009 siya e 101 037 ngowezi 2010.

Somlomo, kuzokhumbuleka ukuthi uMhlonishwa uNgqongqoshe wezeMpilo kuZwelonke, uDkt Aaron Motsoaledi, wethula umshini obizwa ngeGeneXpert esiBhedlela iPrince Mshiyeni Memorial ngosuku loMhlaba wonke lwesiFo soFuba ngowezi 2011. Ukuqaliswa kokusebenza kwalo mshini kwenza ukuba kuhlinzekwe ngemiphumela yokuhlola iSifo soFuba ngaphansi kwamahora amabili. Isikhathi sokuthola imiphumela sasivamise ukuba ngaphezu kwamasondo amabili kodwa manje sesiyakwazi ukuthola ukuthi isiguli siphethwe yini bese sisinikeza imithi ngalelo suku isiguli esifike ngalo esikhungweni sezempilo.

Ngiyazigqaja namhlanje ukubika ukuthi imishini ebizwa ngeGeneXpert engama 38 isifakiwe ezikhungweni zethu. Lokhu sekusize kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi iziguli eziyizi 5 680 eziphethwe yiMDR-ISIFO SOFUBA kanye neziyi 832 eziphethwe yiXDR-ISIFO SOFUBA zelashwa ngonyaka wezi 2010 kuya kowezi 2012.

Sizoqinisa imizamo yethu ekuqhubekeni nokwehlisa ukudlondlobala kwegciwane leSandulela-Ngculazi ngonyaka wezimali wezi 2013/14 sifinyelele ngaphansi kwe 1% (< 1%), ngokwenyusa isibalo seziguli ezithola imishanguzo; senyuse izinga ekulapheni iziguli ezintsha eziphethwe yiPTB futhi senza ngcono izinga lempumelelo ekulashweni kweMDR neXDR TB.

UkuSokwa KwabeSilisa NgoHlelo LwezeMpilo

Somlomo, njengoba ngibalulile ngasekuqaleni, sibusisiwe esiFundazweni sethu, ngokuba noholo kanye nobuhlakani boNgangezwe Lakhe, ISilo, INkosi uZwelithini ka Bhokuzulu, owayalela ukuba kuvuselelwe isiko lokusoka ukuze seseke Amasu akhona Okugwema Isifo esihlobene neSandulela Ngculazi kanye Nengculazi.

Selokhu kwathulwa lo mkhankaso ngowezi 2010, uhlelo seluthuthukile futhi ekupheleni kukaNdasa wezi 2013, sekuSokwe Abesilisa abangama 257 539 eziKhungweni zezeMpilo ezingama 67 ngempumelelo. Isibalo esihlosiwe sonyaka wezi 2013/14 ngabesilisa abadala abangama 356 960 abazosokwa. Malungu aHloniphekile aleNdlu, lo msebenzi sesiwedlulisele nasezikhungweni zemfundo ephakeme njengase - Durban University of Technology, i-University of KwaZulu-Natal kanjalo nasemaJele eQalabusha eseMpangeni.

Somlomo, impela siyakubonga ukwesekwa esikutholayo kubaxhasi bethu bakwamanye amazwe. Kusukela ngonyaka wezi 2009/10 kuze kube manje sesithole uxhaso lwezimali oluyisamba sezigidi ezingama R29 oluvela kwi-Atlantic Philanthropies, Isikhwama soMhlaba Wonke esibhekelela iSifo soFuba, i-UNICEF kanye ne- European Union. Ngaphezu kwalokho, semukele uxhaso oluvela kwiPEPFAR ayizigidi ezingama- \$76, 116, 113.

Phezu kokuSokwa kwabeSilisa eziKhungweni zezeMpilo, enye inhloso ngukuhlola iSifo sikaShukela, umfutho wegazi, iSandulela Ngculazi, iziFo eziThathelana ngokoCansi kanye nokunye ukuhlolwa kwegazi, kubuye kuxoxiswane nabasokwa ngenhloso yokugqugquzela indlela yokuziphatha kahle. Njengamanje kunamathimba asabalele yonke indawo futhi siyazibonga iziNhlango eziyi 7 Ezingekho Ngaphansi kukaHulumeni (amaNGO) ezelekelelayo ekusabalaliseni uHlelo esiFundazweni.

UMnyango sewakhe isiKhungo sokuSoka abeSilisa Ngokwezempilo (iMedical Male Circumcision Centre of Excellence), esiBhedlela saseNorthdale esiqeqesha abasebenzi baseMitholampilo ngezindlela zombili zokuSoka abasesilisa: IForceps Guided kanye neTara Klamp. Somlomo, lolu qeqesho selusatshalaliswe kodokotela bakwamanye amazwe ezwenikazi lase-Afrika, kubalwa iMozambique, i-Uganda, iBotswana kanye neTanzania, phakathi kwamanye. ISilo Samabandla, selekelelwa nguNdunankulu, savula ngokusemthethweni isikhungo esibizwa ngeKwaZulu-Natal Medical Male Circumcision Centre of Excellence mhla ziyi 16 kuNhlaba wezi 2013.

Somlomo, ukuvumelana kanye nokuhambisana nakho konke okungenhla sekuguquke indlela abantu abacabanga ngayo ngokulwisana kanye nokuguqula isimo salesi Sifundazwe ngendlela esibuka ngayo iSandulela Ngculazi Nengculazi ngezindlela eziningi. Yingakho, ngikwazi ukwazisa iNdlu ngalokhu okulandelayo:

Uhlelo lokuNakekelwa kweziGuli emaKhaya

Somlomo, siyajabula ukusho ukuthi ukuhlinzekwa kohlelo lokunakekelwa kweziguli emakhaya seluguquliwe. Kumele kukhunjulwe ukuthi esikhathini esedlule lolu hlelo lwaluhlinzekwa ngokwahlukana nguMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kanye nowezeMpilo. Yomibili iminyango yayinikeza izinhlangano Ezingekho Ngaphansi Kukahulumeni inkontileka ayayihlinzeka ngezinhlelo ezahlukene zosizo

Iwezokunakekela futhi imiholo yabasebenzi bazo nayo yayingenziwanga yaba semthethweni. IKhabinethi yesiFundazwe yathatha isinqumo sokudidiyela lokhu, kumanje sinikezela ngezinhlelo zosizo ezididiyelwe ezihlinzekwa ngoNompilo abaqeqeshiwe abayizi 9 668 ababonelelwa nge R1 500 ngohlelo lwePERSAL kuqhathaniswa nabayizi 3 802 abavela ezinhlanganweni ezizimele ngowezi 2008. Ngonyaka wezi 2012 nje kuphela, labo nompiloo bahambela amakhaya ayizi 3 551 790, lokho okungukwenyuka okukhulu kusukela ezi 760 161 kumakhaya ahanjelwa ngowezi 2008.

UHLELO 4: UKUQINISA UKUSEBENZA KOHLELO LWEZEMPILO NGEMPUMELELO

EzabaSebenzi bezeMpilo

Somlomo, ngokungananazi ukuNakekelwa Kwezempilo kungeminye yemisebenzi edinga abasebenzi kakhulu emkhakheni kahulumeni, ngakho-ke kusemqoka ukuthi sithole izindlela zokuqasha kanye nezokugcina abasebenzi bezempilo nokuzinzisa umkhakha wezempilo.

Ekwethuleni iSabelomali sami sonyaka wezi 2013 namhlanje, ngingasho ngingesabi ukuthi ekunikezeleni ngezidingo zezempilo siqhakambisa umyalezo oshiwo nguNgqongqoshe wezeMisebenzi yoMphakathi kuZwelonke, uMhlonishwa uLindiwe Sisulu lapho ethi:

“Sidinga uguquko, ukusebenza ngendlela eyongayo nengenankohlakalo kwezemisebenzi kahulumeni eholwa ngabasebenzi bakahulumeni omsebenzi wabo ophambili kunguhlangabezana nezimfuno zomphakathi nangokudlulele.”

Esibalweni sesisonke sezikhala zomsebenzi eziyizi 86, 864 eMnyangweni, eziyizi 82,446 sezigcwalisiwe. Sesinciphise igebe esibalweni sezikhala zomsebenzi lasuka kuma 23, 6% ngoMbaswa wezi 2009 lafinyelela kuma 4, 57% njengamanje. Njengoba sesinyukile isibalo sezikhala siyazi ukuthi sinenselelo ngokweRWOPS (Ukwenza Umsebenzi Oholelayo Kwesinye Isikhungo Okungesona esikaHulumeni) kodwa – ke siphenya amacala amaningi mayelana nalokhu futhi siyethemba ukuthi

sizokukhalima lokwanda kokungathembeki. Somlomo, ngivumele ngibale ezinye zezinhlelo ezethuliwe zokuthuthukisa amakhono abasebenzi bethu:

UkuQeqesha abaSebenzi bezeMpilo

Sesiphindwe kabili isibalo sabazoqeqeshwa kusukela ngowezi 2001. Kusukela ngowezi 2009 kuze kube manje siyizi 8 675 isibalo sabahlengikazi abathweswa iziqu ekolishi labahlengikazi, iKZN College of Nursing, kulabo, abayizi 7 465 sebeqashiwe ezikhungweni eziningi zezempilo esifundazweni sonke. Kusukela ngoNdasas wezi 2012, abahlengikazi abangama 384 baqeqeshelwa imikhakha eyisipesheli yobuhlangikazi, kumanje kunabanye abahlengikazi abangama 286 abaqeqeshwayo. Ngonyaka owedlule sibe nabahlengikazi abayizi 2 246 abethweswe iziqu, naku lonyaka sibona kungenzeka kuthweswe iziqu abahlengikazi abayizi 2 155. Abafundi abasha abayi 234 bazoqala uqeqesho lweziqu zobuhlangikazi zeMinyaka emi 4 kanti abahlengikazi abangama 309 abaqeqeshiwe sebeqalile ukusebenzela umphakathi. UMnyango usuphinde wahlela kabusha isabelomali ukuze kuqeqeshwe abahlengikazi kanye nabasizi babahlengikazi, lokhu kuzonciphisa izinga eliphezulu lezikhala zomsebenzi zezifundo ezigxile ekwelapheni okungxube kanye nokuhlizeka ngokweseka ukuba kuphindwe kuvuselelwe ukusebenza kwezikhungo zezempilo ngamathimba agxile emawadini.

Somlomo, enye inqubekela phambili efanele ukuba ibalulwe, ngeyokuthi iKZN College of Nursing yethu isigunyaziwe nguMkhandlu wabaHlangikazi eNingizimu Afrika ukuba iqhube uhlelo lwe-Ophthalmic Science Post Registration esikhungweni sase-Edendale. Iqembu lokuqala labazoqeqeshwa laqala mhla lu 1 kuNdasas wezi 2013 olunabafundi abangama 20. Abanye abafundi abangama 50 bazobhalisa kulolu hlelo ngaphambi kokuphela konyaka wezimali futhi ngonyaka wezi 2015 sizobe sesinabo abahlengikazi besifo samehlo abaqeqeshwe ngokugcwele.

UMnyango ususabelile ekhweleni likaMengameli lokuba kudalwe amathuba emisebenzi. Umnyango uvule izikhala zomsebenzi ezingama 332 okwaqashwa kuzo abangasebenzi ukuba benze umsebenzi omayelana neBasic Life Support, ezagcwaliswa ngenyanga kaNcwaba wezi 2011. Ezinye izikhala zomsebenzi ezingama 438 zakhangiswa ngonyaka wezimali wezi 2012/13. Kuqashwe onompilo (CCG) abayizi 9800 ngokwenkontileka kusukela mhla lu 1 kuMbasas wezi 2013,

lokhu futhi kwandisa ukuqasha eMnyangweni ngokunjalo nokunciphisa isibalo sezikhala zomsebenzi ezingagcwaliswe. AbaQoqi boLwazi abayi 163 banikwa inkontileka yomsebenzi nguMnyango wezeMpilo kuZwelonke.

Sekuqaliwe ukuqashwa kwamathimba eziFunda odokotela abangoNgoti. UMnyango futhi unohlelo oseluthuthukile lwabafundi abajwayezwa umsebenzi okumanje olunabangama 349 abenza umsebenzi ojwayelekile kanye nabangama 330 abenza imisebenzi yezokwelapha.

Kusukela ngoNtulikazi wezi 2008 kuze kube imanje, yisibalo somaBhalane abangama 911 asebebhalisiwe kulolu Hlelo. Lolu hlelo selusize kakhulu uMnyango mayelana nokuqashwa kongoti kanye nabasebenzi kwezokwelapha. Esibalweni esingama 92 salabo asebephothule uqeqesho noma asebeqeqeshiwe njengongoti, abangama 79 sebeqashiwe.

UHlelo Lwabasebenzi Abasezingeni Eliphakathi Nendawo

Ukususela oHlelweni lwethu Lwezinga Eliphakathi Nendawo olwethulwa ukuze kwenziwe ngcono futhi kubhekelelwe amakhono antulekayo, ngizobalula lokhu okulandelayo:

- Kubhaliswe ama-Clinical Associate angama 69 kulolu Hlelo uma kuqhathaniswa nangama 26 okwabikwa ngawo nyakenye
- Bangama 24 abasizi basemakhemisi asebeqashiwe
- Kubonakale enkulu impumelelo emizamweni yethu yokuvula amathuba emisebenzi ngesikhathi labo ababengonompilo/Amanxusa Entsha abangama 396 bethweswa iziqu zokuba ngaBeluleki Ngezokudla Okunomsoco futhi beqashwa ngokugcwele. Abanye abayi 182 baqale ukuqeqeshwa ngenyanga kaMbasa wezi 2013.
- Sebebonke bayi 145 Abasizi basemakhemisi ababhalisela ukuqeqeshwa esikhungweni esibizwa nge-Health Science Academy ngonyaka wezi 2009, abayi 116 babo sebethole iziqu. Abanye abayi 133 babhalisa eKhethe'Impilo ngonyaka wezi 2012 futhi kulindeleke ukuthi baphothule ukuqeqeshwa kwabo ngenyanga kaNhlangulana wezi 2013. Ingamashumi amabili nantathu (23) intsha engasebenzi eyabhaliselwa ukuqeqeshwa njengabaSizi basemakhemisi ngenyanga kaNhlabane wezi 2012.

Ukusungulwa Kwamathuba Emisebenzi

Somlomo, udaba lokudalwa kwamathuba emisebenzi selube yinto eyenzeka ngempumelelo eMnyangweni.

- Angama 89 esewonke amaTradesmen Aids azoqala ukusebenza mhla ziyi 12 kuNhlanguvana wezi 2013.
- Izikhala zomsebenzi zoNjiniyela eSibhedlela iGreys kanye ne-Edendale zagcwaliswa ngonyaka wezi 2012 kanti ezisesibhedlela i-Addington kanye neKing Dinuzulu zizogcwaliswa maduze nje.

UHlelo Olunwetshiwe Lwezemisebenzi Yomphakathi

Somlomo, ngonyaka wezi 2012/13, umnyango uqashe abantu abayizi 2673 ngaphansi koHlelo Olunwetshiwe Lwezemisebenzi Yomphakathi (EPWP). Uhlelo lokunakekelwa kwezingadi kanye nezinkundla yiyona nto esizigqaja ngayo ngaphansi kwe-EPWP futhi seyibe nesandla ekuhlomuliseni abayi 1292. Kuyaphawuleka futhi ukuthi kulaba abahlomulayo, abangama 778 abesifazane, abangama 726 yintsha kanti abayisi 8 abantu abaphila nokukhubazeka. Ngenxa yalolu hlelo, sekunemisebenzi efanayo engama 2485 esungulwe nguMnyango, abazoqashwa kuyo bazosebenza ngokugcwele kusukela ekupheleni konyaka wezimali wezi 2012/13, okuyisibalo esiphezulu kakhulu uma siqhathaniswa nesamba sesilinganiso esiphansi se 1 200 esasibekelwe uMnyango nguMnyango wezemiSebenzi kaZwelonke. Kuqokwe amalungu omphakathi angenawo amakhono omsebenzi, abeqokwa ngokubheka izinga lobuphofu ngokwelekelelwa ubuholi bomphakathi, asayiniswa inkontileka yonyaka nomnyango.

Okwamanje, isamba sezikhungo ezingama 378 ezibandakanya imitholampilo, amakhaza, izizinda zabe-EMRS kanye neZikhungo zezeMpilo zoMphakathi zinakekelwa ngokohlelo lwe-EPWP. Umnyango usebenzise ngokweqile isamba sezigidi ezingama R17 kulolu hlelo ngonyaka wezimali wezi 2012/13 kanti kuzosetshenziswa izigidi ezingama R16 kulo nyaka wezimali esikuwo.

UHlelo LwezeMpilo lwaseCuba

Somlomo, ngale kwalokhu kuphazamiseka okusanda kuba khona okwenziwe yilaba bafundi abambalwa abayimidlwembe abathunyelwa eCuba, uhlelo lusaqhubeka kahle. Kuyihlazo ukuthi ezinye zezingane zethu ezinenhlanhla yokuthola ithuba lokuyofunda eCuba aziqondi ukuthi izwe laseCuba kusukela ngonyaka we 1962 lavinjelwa ukuba lihwebwe kodwa lisakwazi ukuzikhiqizela odokotela abasezingeni eliphezulu, likhiqizele namanye amazwe anobuhlobo nalo. Ziyehluleka ukuqonda ukuthi uma zinikwa inyama yengulube kane ngesonto yingoba izwe laseCuba alivumelekile ukuthenga kwamanye amazwe into elikwazi ukuzenzela yona.

Njengesifundazwe, ngonyaka wezi 2011 sahlonipheka ngokuthi sisingathe umgubho weminyaka eyi 15 yeSivumelwano esiphakathi kweNingizimu Afrika kanye neCuba ngokunjalo neNgqungquthela yokuqala eHlanganyele Yezokuphathwa Kwezemfundo. Isihambeli Sosuku kwakunguDkt. Nkosazana Dlamini-Zuma onguSihlalo weKhomishini yeNhlango Yamazwe Ase-Afrika, okwathi ngesikhathi esenguNgqongqoshe wezeMpilo kuZwelonke waba negalelo elikhulu ekuholeni lokhu kusebenzisana phakathi kwala mazwe womabili. Somlomo, yize noma isibalo sokwamukelwa kwabafundi ngaphansi koHlelo lwezeMpilo lwaseCuba besiba sincane kakhulu eminyakeni edlule, onyakeni walo weshumi nesihlanu (2012) kuyintokozo ukumemezela ukuthi iKwaZulu-Natali ithumele abafundi abangama 423 ukuba bayofunda khona, okuyisibalo esiphezulu kunaleso sabafundi abamukelwa ezikoleni ezimbili zezempilo ezikhona eNingizimu Afrika.

Singabika futhi ukuthi bangama85 abafundi abathola iziqu zabo eCuba okumanje bayasebenza ezibhedlela zethu ezisezindaweni zasemakhaya KwaZulu-Natali, nokuthi injongo yethu ukuthumela abanye abafundi abangama300 eCuba nonyaka.

Sizoqhubeka nalolu hlelo ngethemba lokuthi izikole zezempilo eNingizimu Afrika zizohlangabezana nenselelo ephoswe nguNgqongqoshe Kazwelonke u-Aaron Motsoaledi yokuthi zenyuse isibalo esiyi 1 200 sabafundi abafundela ubudokotela abamukelwa yizo sifinyelele ezi 3 600 ngonyaka. Nathi sisho njengoSolwazi Russel Botma, onguMphathi Omkhulu noSekela-Shansela weNyuvesi yaseStellenbosch owathi, "Okuyiyona nto eyandisa inkinga ukuthi odokotela ababiwa ngokulinganayo eNingizimu Afrika...lena yinselelo kumanyuvesi ethu: singabaqeqesha kanjani odokotela abaningi, abazokwazi ukusebenza ezindaweni zasemakhaya."

Ukuqeqeshwa Kanye Nemifundaze

UMnyango wethu usagxile kakhulu ekuqeqesheni nasekuthuthukiseni njengoba kufakazeleka ngogqozi kanye nempumelelo esinayo ekuhlinzekeni ngemifundaze ezifundweni eziphathelene nezempilo kanye nemikhakha ehlobene nazo. Ngaphezulu nje kancane kweminyaka emine edlule, sibe nabafundi bangaphandle abangama 502 kanye nabafundi abayi 154 abaqeqeshelwa emsebenzini abathola imifundaze yokuyofunda. Kubafundi abangama 423 abafunda eCuba, bangama 263 abathola imifundaze ephelile, kanti bangama 79 abaxhaswe iCuba neNingizimu Afrika, bese beba ama 81 abathole ingxenye yemifundaze.

Inselelo yokungabikho kwamakhono ebhekene nomnyango wezempilo ezweni lonke, isithathe elinye igxathu njengoba sekuzoqashwa iziKhulu eziPhezulu (CEO) ezikhungweni zezempilo. Ohlelweni oluholwa kuzwelonke, izikhala zamaCEO zakhangiswa njengohlelo oluzokwenziwa endaweni eyodwa. Kulolu hlelo sekugcwaliswe izikhala zamaCEO ezibhedlela eziyisi 7; ezinye izikhala zemisebenzi ezimbalwa ziyabhekelelwa.

UKWENZA NGCONO INDLELA YOKUNAKEKELWA KWEZIGULI KANYE NOKWENELISEKA

Ukuhlelwa Kabusha Kolelo Lokunakekelwa Kwezempilo

Somlomo, impilo kanye nokuphila kahle kwezakhamuzi zakithi kuncike kakhulu eKunakekelweni Kwezempilo. Ukuze kube noguquko ekuNakekelweni kwezeMpilo kudingeka ukuthi kube noguquko ezinhlelweni ezikhuthaza ezempilo kanye nokuvikelwa kwezifo ngokubandakanyeka kanye nokubamba iqhaza okuphelele komphakathi kanye nemindeni.

Yingakho ekubhekaneni kwethu nokwanda mawala kwezifo sesiqalise uhlelo lokuhlela kabusha. Kuze kube namuhla, liyabonakala igxathu elithathwe kule ngxenye, lokuthi kwethulwe amathimba azophumela emphakathini ePHC azosebenza emaWadini kanye nasekuqiniseni izinhlelo zezempilo ezikoleni. Inhloso ukwandisa izinga lokufinyelela ngokusebenzisa indlela ebandakanya umphakathi kanye nokuba nezizinda zokusebenza emazingeni omphakathi. Kuze kube namuhla, bangama 31 ongoti kwezokwelapha aseqashiwe kanti kusanezinye izikhala zomsebenzi ezingama 27 ezizogcwaliswa nonyaka.

Kunamathimba angama 54 ePHC asebenza emaWadini aphumela emphakathini eholwa ngabahlengikazi abaqeqeshiwe kuhlangukisa noNompilo (CCGs). Kuhlalelwe ukuthi kusungulwe amanye amathimba ayi 155 nonyaka. AmaThimba avele ekhona manje ayi 147 abhekele ezeMpilo Ezikoleni asebenza ngokuzimisela ukuhlola izingane ngenhloso yokuhlonza okungaba yizithiyo ekufundeni. UMnyango uhlose ukusungula amanye amathimba angama 90 kulo nyaka wezimali esikuwo. Olunye uhlelo olusha lokuthi oNompilo kube yibo abanikezela imithi yezifo ezingalapheki, luzoqalisa nonyaka.

Ukuqinisekisa Iqophelo, Ukwamukelwa Ngokusemthethweni Nokwenziwa Kahle Komsebenzi kanye Namazinga Anqala Kazwelonke

Somlomo, uMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali wahamba phambili wethula umkhankaso obizwa ngokuthi “Make Me Look Like a Hospital” ongokuthi “Ngenze Ngibukeke Njengesibhedlela” ngonyaka wezi2009. Kwabhaliswa izibhedlela ezingama 24 kulo mklamo zehlukaniswa izigaba ezimbili. Ngesikhathi kwethulwa amaZinga Anqala kuZwelonke, ukugxila ekunqandeni kanye nasekulawuleni ukungenwa yizifo, ukwenza ngcono ubungako besikhathi esilindwa yiziguli, ukuba khona kwemithi kanye negazi, ukwenza ngcono izinga lezokuphepha nokuvikeleka, ukuhlanzeka kwesikhungo kanye nomoya omuhle nokunakekela kwabasebenzi: umsebenzi emnyangweni wathuthuka kakhulu ngakho-ke akwethusi ukuthi ezintathu zezibhedlela zethu zahlonzwa njengezisequlwini kwezihlanzekile okuyiStanger Hospital (esadla ubhedu), iSt Andrews Hospital (eyalala isibili) kanye neGrey’s Hospital (eyalala isithathu)! “We have turned the corner – Imisebenzi kaHulumeni lyabonakala!

Ngaphezu kwalokho, ezikhungweni zethu zezempilo sekwethulwe ezinye izinhlelo ezimbalwa ukwenza ngcono indlela yokunikezela ngezidingo emphakathini. Muva nje e-Edendale Hospital kusanda kwethulwa umklamo obizwa ngokuthi- “Walk Like a Nurse” okungokuthi “Hamba Njengomhlengikazi”, okuhloswe ngawo ukubhekana nezinsalelo ezimaqondana nokungabi namusa kwabasebenzi okuyibona abasekhaleni ekunikezeleni ngezidingo emphakathini. Lo mklamo uzokwedluliselwa

nakuzo zonke izikhungo esikhathini esizayo. Mhla ziyisi 9 kuNhlaba wezi 2013, uMnyango wasingatha iNgqungquthela yoNgoti Kwezempilo ngenhloso yokutshala kabusha isiko lokuziqhenya ngemisebenzi yezempilo kanye nokubuyisa “umfaniswano omhlophe” kulandelwa isiqubulo esithi “My Profession, My Pride!” okungukuthi “Ngiyazigqaja Ngomsebenzi Wami!”. Umfaniswano omhlophe usikhumbuza izikhathi zakudala lapho umsebenzi wobuhlelengikazi wawuhlonishwa futhi nabantu emiphakathini babebukela kubahlengikazi, bebahlonipha ngendlela efanele baze “babavikele”. Sinesiqiniseko sokuthi le ngqungquthela iyihlahlile indlela yoguquko emisebenzini yezempilo futhi sizoyibona imiphumela yalolu hlelo esikhathini esingekude esizayo. Somlomo, kuyilungelo lethu ukunakekela!

Imiklomelo Yokusebenza Okuncomekayo

Kule minyaka edlule uMnyango nawo ubambe iqhaza emicimbini yokuklomelisa eyahlukahlukene yeminyango, yesifundazwe ngokunjalo nekazwelonke. Ngiyazigqaja ngokuba ngazise indlu ukuthi kusukela ngonyaka wezi 2009 kuze kube yilo nyaka wezimali esikuwo wezi 2013/14, uMnyango ubuthe imiklomelo eyahlukahlukene esifundazweni nakuzwelonke.

Sekube yiminyaka emihlanu ilandelana, uMnyango uhlomula, phakathi kokunye, ngomklomelo wokuhlonishwa kuzwelonke obizwa ngeCecilia Makiwane award. Lo mklomelo wazuzwa ngabahlengikazi basesiFundeni saseMkhanyakude ngokusebenza okuncomekayo. Ngonyaka wezi 2012, lesi siFunda saphinde sadla ubhedu sahlabana ngomklomelo wokuphuma phambili emcimbini Wokuklonyeliswa Kwemisebenzi Encomekayo obizwa ngePremier’s Excellence Awards. Ngonyaka wezi 2011/12, isibhedlela iManguzi sahlabana ngendondo yegolide kulo mcimbi.

UMnyango wathola ukunconywa okukhulu ngenkathi abahlengikazi bethu ababili, uSista Zanele Mthiyane kanye noSista Leigh Scott behlonishwa ngomklomelo obizwa nge-National Marilyn Lehana award, ngonyaka wezi 2011 kanye nowezi 2012 ilandelana, okwabe kungukubonga amalungu avelele emkhakheni wezobuhlelengikazi atshengise izinga eliyisimanga lokunakekela uma besiza iziguli kanye nalabo abasebenza nabo. Ukwengeza oxhaxheni lwemiklomelo, uSister Eugenia Myeza wase-Addington Hospital wahlonishwa ngomklomelo obizwa

ngeKZN Florence Nightingale Award ngomsebenzi oncomekayo kwezobuhlangikazi, ngonyaka wezi 2013. Lokhu kwabe kungokwesibili kulandelana abahlangikazi base-Addington behlabana ngalo mklomelo.

Imisebenzi Yokuhlanzwa Kwezimpahla

UPhiko Lwezokuhlanzwa kwempahla loMnyango luke lwaba sematheni, ngokuba lugxekwe ngomsebenzi ongancomeki wkulawulwa kwezemisebenzi yezokuhlanzwa kwempahla, ukwentuleka kwezimpahla zemibhede ezihlanzekile ezibhedlela ngokunjalo nezinga elingekho esimweni esihle sezimpahla zemibhede.

Sekusungulwe uhlelo olusha lokusebenza ukuze kwenziwe ngcono imisebenzi ehlinzekwa uphiko lwezokuhlanzwa kwempahla. Ukuthengwa kwezimpahla zemibhede kanye nokufakelwa kwezimpahla zokusebenza ezintsha ezibhedlela ezingama 42, kuzofaka isandla ekwenziweni ngcono kwezemisebenzi yezokuhlanza izimpahla. Khona maduze nje, sizomemezela ukusebenza kweSizinda Esikhulu Sokuhlanza Impahla KwaZulu-Natali futhi ngingabika ukuthi sekuqalile ukuvuselelwa kabusha kweNdawo Yokuhlanza impahla eseNyakatho neNatali (eDundee) ngezigididi ezingama R50.

I-Operation Sukuma Sakhe

Ngale kohlelo lokubonisana kwababambiqhaza oluba njalo ngonyaka, olubizwa nge-Provincial Consultative Health Forum, kwaba khona imicimbi eminingi yokuqinisekisa ukuthi kuyafinyelelwa emphakathini wonkana kuwona wonke amagumbi esiFundazwe.

Ukwengeza kulokhu okungenhla, uNgqongqoshe wesiFundazwe wezeMpilo uyifolosi lika-Operation Sukuma Sakhe eMajuba bese kuthi iNhloko yoMnyango yona yelekelele uMhlonishwa uNdunankulu oyifolosi eZululand. Sekwenziwe izinhlelo eziningi ngaphansi kwalolu hlelo kubandakanya kodwa kungekuphela kwalokhu, ukuqedwa kobubha, ukuhlomisa ngamakhono, ukudalwa kwemisebenzi kanye nokuhlolwa kwemindeni ukuze kuncishiswe ukukhwantabala kwempilo.

Somlomo, impumelelo kwezempilo ngenxa ka-Operation Sukuma Sakhe beyingeke yabakhona ngaphandle kokuzibophezela kanye nokwesekwa esikuthole emakhanseleni ethu, eMakhosini kanye namathimba ama-war rooms. Siyabonga!

Izinhlaka Zokuphatha

Somlomo, nginentokozo ukubika ukuthi uMnyango wethu usemgqeni nemigomo yokuphatha njengalokhu ibalulwe kuMthetho Wezempilo kaZwelonke, wezi 2003 ngokunjalo noMthetho wezeMpilo waKwaZulu-Natali, wezi 2009, maqondana nokusungulwa kwezinhlaka zokubusa kanye nezigungu ezahlukahlekene. Sesakhe ngokusemthethweni amaBhodi Abhekelele Izibhedlela angama 67 (okungesezona izinhlaka zesikhashana), sesisungule uMkhandlu Wezempilo Wesifundazwe kanye neMikhandlu Yezempilo Yezifunda emithathu (3), kulezi zifunda: Amajuba, uThungulu naseMkhanyakude, kanti ezinye zisohlelweni. Siphinde sabandakanya ababambiqhaza eNgqungqutheleni Yezempilo Yesifundazwe kanye nasesiGcawini Sonyaka Sokubonisana Ngezempilo esifundazweni, konke lokhu kuvule inkundla yokubonisana nokuphikisana ngezindaba eziphathelene nezempilo, okuselekelele ekwakheni inqubomgomo kanye nasekuthatheni izinqumo. Sihlele ukuba iSigcawu Sokubonisana Ngezempilo sesiFundazwe esilandelayo sibe ngoNcwaba wezi 2013.

Imisebenzi Yezimo Eziphuthumayo

Somlomo, iMisebenzi Yezimo Eziphuthumayo ingumsebenzi onqala emkhakheni wezemisebenzi yezempilo, ngakho-ke zinomthelela ngqo empilweni yesiguli esimweni esiphuthumayo. Sizibophezela ukuba senze ngcono izikhathi zokusabela uma kudingakala i-ambulensi.

Ngonyaka wezi 2008, uMnyango kade unama-ambulensi asebenzayo ayi 185; kwabe sekuthengwa ezinye izimoto ezingama 274. Ekupheleni kukaNhlangulana wezi-2012, izifunda zanikezelwa ama-ambulensi amasha angamakhulu amathathu neshumi (310). Isibalo sama-ambulensi asebenzayo senyuka sisuka kwayi 185 safinyelela kuleso isifundazwe esabe sisihlelile sama-ambulensi angama 212 ahlenga iziguli zingakafiki ezibhedlela.

Ukuze kwehliswe umthwalo kuma-ambulensi ahlenga iziguli zingakafiki ezibhedlela, kwaqaliswa ukusebenza kwama-ambulensi athuthela iziguli zisuka kwezinye izibhedlela ziya kwezinye izibhedlela angama 38, okwenza isibalo sama-ambulensi asebenzayo saba ngama 290 esiFundazweni; okungukwenyuka nge 105.

UMnyango usuphinde wagunyaza ukuqashwa kwabanye abasebenzi bokwelekelela kwezempilo Abanamakhono, ohlelweni olufinyeziwe ukuze bathole lawa makhono, angamanye alawo ahlonziwe antulekayo. Kuyimanje, kulolu hlelo sekuqashwe abasebenzi Bokwelekelela Kwezempilo Abanamakhono abayi 13.

Izinsiza Zokuthutha Iziguli Ezihleliwe

UMnyango usayiqhuba imisebenzi yawo maqondana nohlelo lokuhlelela iziguli izinsiza zokuzithutha, ukuqinisekisa ukuthi iziguli zithuthwa ngokohlelo lokudluliselwa kwezinye izibhedlela. Lokhu kuqinisekisa ukufinyelela kwizinsiza ezidingekayo ngezinga elifanelekile lokunakekelwa, ngokunjalo nokuhlinzekwa ngezinsiza zokuthuthwa kweziguli ezidluliselwa kwezinye izibhedlela. UMnyango unamabhasi ahlelelwe ukuthutha iziguli ayi 153, kusuka kwayi 127 ngonyaka wezi 2009. Kuzothengwa amanye amabhasi amasha ayi 12 ukuze athathe indawo yalawo asegugile.

Uhlelo lwe-Amplified Operation

Somlomo, sinentokozo futhi ukumemezela ukuthi ukusebenzisana noMnyango Wezokuthutha KwaZulu-Natali ohlelweni lwe-Amplified Operations (Alpha Ops) sekwenziwe kwaba semthethweni. Lona kungumkhankaso oqhutshwa ngezikhathi zenjabulo ezimbili ngonyaka ezibhizi kakhulu, isikhathi sikaKhisimusi kanye nesePhasika. Izimoto kubandakanya ama-ambulensi, izimoto ezingomahambanendlwana abanezinsiza zokunikezela ngosizo lokuhlenga impilo nabemisebenzi yokuhlenga abasabela ngokushesha zibekwa ngobuchule ezindaweni eziqashiwe eceleni kwemigwaqo emikhulu ukuze kuqinisekiswa ukusabela ngokushesha nangendlela efanelekile ezigamekweni. SinguMnyango wezeMpilo sizibophezele ukuhlinzeka ngokwalulekelwa ukwethuka kubasebenzi

bezokuthutha kanye nabezimo eziphuthumayo ababandakanyeka ekubhekaneni nezehlakalo ezihlasimulisayo ngenxa yezingozi.

Isikhungo Esibhekelela Ukusebenza Kwezempilo Esifundazweni

Ukwengeza ezinsizeni zokunikezelwa kwezidingongqangi zomphakathi, sekwakhiwe iSikhungo Esibhekelela Ukusebenza Kwezempilo Esifundazweni okuyisona sikhungo esakhiwa kwaba ngesokuqala ngqa ezweni jikelele. IPHOC ihlinzeka ngomsebenzi osiza kakhulu impela, isebenza njengesizinda sezokuxhumana, ulwazi kanye nomthombo obalulekile wokweseka iziguli, ukulawula izinhlekelele, phakathi kokunye okubalulekile. Ngokwempumelelo ye-PHOC, uMnyango uhanjelwe yisiFundazwe saseNorth West kanye neKomidi Elibhekelele Ezempilo eGauteng ngenhloso yokuzothekela ngalolu hlelo ukuze baluqalise ezifundazweni zaboo. Maduze nje, iFree State nayo isanda kucela ukuhambela i-PHOC ukuze ibone ukuthi isebenza kanjani.

Imisebenzi Yezindiza Zezempilo (Aeromedical Services)

UMnyango unophiko lwezindiza zemisebenzi yezempilo olunendiza enophephela emhlane kanye namabhanoyi amancane amabili (2). Maduze nje, kuthathwe izinyathelo zokuqinisa imisebenzi ehlinzekwa ngabe-Air Mercy Services (Red Cross) uMnyango onesivumelwano nabo. Ukwengeza kulokhu, uMnyango usuphinde waqinisa ukusebenzisana nabeRed Cross Air Mercy Services maqondana nemisebenzi yokusiza umphakathi ngokwenyusa izinga lokutholakala kosizo lwezempilo ezindaweni ezisemajukujukwini esiFundazweni. Phakathi kokunye, sizokwethula imisebenzi yezindiza zezempilo ezisebenza ebusuku kanti lokhu kudinga ukuvuselelwa kabusha futhi kwengezwe izibani esikhumulweni samabhanoyi ngokunjalo nokuhlinzekwa kwezipopolo zokubuka ebusuku (Night Vision Goggles) (NVG). UMnyango uzofaka isandla kulolu hlelo lwama-Night Vision Goggles ngokuhlinzeka isamba esilinganiselwa ezigidini ezingama R3. Ukukhulisa lolu hlelo sizophinde futhi sengeze elinye ibhanoyi. Sizibophezele ukubeka imisebenzi yokufinyelela emiphakathini ezingeni eliphezulu!

Uphiko Lwezemisebenzi Yokugcinwa Nokuhlolwa Kwezidumbu Ngenhloso Yokuthola Imbangela Yokushona

Phezu komsebenzi wokuhlenga impilo kanye nokukhuthaza ukuphila nokuhlala kahle kwezakhamuzi, uMnyango uzibophezele ngokulinganayo futhi ekuqinisekiseni ukuthi umsebenzi wenziwa ngobuyoninco kanti nasebedlulile emhlabeni baphathwa ngesizotha.

UMnyango usuwenze uguquko olubonakalayo maqondana nokwenziwa ngcono kwezindawo zokugcina izidumbu kanjalo nokusebenza ngobungoti ophikweni lwezemisebenzi ebhekele ukugcinwa nokuhlolwa kwezidumbu ngenhloso yokuthola imbangela yokushona. Sekuqhanyukwe nesu lokusebenza ngendlela efanele ophikweni lwezemisebenzi ebhekele ukugcinwa nokuhlolwa kwezidumbu (FPS), kanti lolu hlelo seluqalisiwe. Nansi inqubekela phambili eseyenzekile:

- Kusukela ngowezi 2006, sekwakhiwe izindawo zokugcina izidumbu eziyi 6, kwavuselelwa kabusha ezi 4.
- Sekubhekwane nezindaba zabasebenzi, kwaba nenqubekela phambili ekuqashweni kwabasebenzi abasezikhundleni zokuphatha, kwahlengahlengiswa abasebenzi abangaphakathi, babekwa ezindaweni ezibafanele, kwaphinde kwenziwa ngcono izimo zokusebenza.
- Kuqashwe odokotela abazimele ngezinkontileka abazoholelwa ngokusebenza kwabo ukuze bahlole izidumbu, okuyinto okubonakale yonga kakhulu uma kuqhathaniswa nendlela yokuqasha ngezikhawu ebisetshenziswa phambilini.
- Seluphothuliwe uhlaka lomumo wabasebenzi emnyangweni.
- Seluhlanganisiwe uhlelo lokuthengwa kwezimoto, kanti angama 30 amaveni okuthwala izidumbu athengwa onyakeni wezimali wezi 2010/11 nowezi 2011/12; kwathi ngonyaka wezi 2012/13 kwathengwa izimoto eziyi 9 eziqondene nemisebenzi yasehhovisi. Sekwamukelwe izimoto eziyi 15, kanti zisalungiswa ukuze zikwazi ukusetshenziswa.
- Lusacutshungulwa udaba lokuthenga umhlaba okuzokwakhiwa kuwo izindawo zokugcina izidumbu ezintsha.

UPhiko LukaZwelonke Lezindawo Zokucwaninga Ngezempilo

Somlomo, le Ndlu iyayazi inselelo esibhekene nayo maqondana noPhiko lukaZwelonke Lezindawo Zokucwaninga Ngezempilo. Okusemqoka lapha ukuthi kule minyaka, yenyuke kakhulu intengo yokwenza ucwaningo ezindaweni zokucwaninga, kanti uMnyango usuke wakhononda ngalokhu kwenyuka kwemali yokukhokhela lo msebenzi, okuyimali engaphezulu kwenqunyiwe ebesiyikhokha eminyakeni eminingi edlule. Lolu daba olumaqondana nemali ekhokhwayo lwaze lwangenelelelwa ngabalamuli bezomthetho, abavuna uMnyango; kepha-ke ukunikezelwa kwalo msebenzi kubahlinzeki msebenzi nakho kwabhekana nezingqinamba okwaholela ekutheni uNgqongqoshe wezeMpilo kuZwelonke aze aqoke iThimba lakhe elizobhekana nalolu daba. Sesiyolindela ukuthi kube nguye uNgqongqoshe Wezempilo ocaba indlela ngalolu daba, kepha-ke ngifisa le Ndlu ikuqaphele ukuthi ukukhokhela imisebenzi yokwenziwa kocwaningo ezindaweni zocwaningo kumba eqolo, ngaleyo ndlela kunomthelelo omkhulu emalini esabelwe yona.

UKULUNGISELELA UHLELO LOMUSHUWALENSE WEZEMPILO

Somlomo, ukuqalisa kokusebenza kohlelo LOMUSHUWALENSE WEZEMPILO (i-NHI) kungumunxa obekwe waba seqhulwini nguHulumeni futhi lokhu kubaluliwe eSivumelwaneni Esidingidiwe Sokunikezelwa Kwezidingongqangi Zomphakathi. Kulesi siFundazwe lolu hlelo luqaliswe ukuvivinywa ezindaweni ezintathu esizihlonzile, okuyiMajuba, uMzinyathi naseMgungundlovu kanjalo nakulezi zibhedlela ezinkulu, Inkosi Albert Luthuli Central Hospital kanye ne-King Edward VIII Hospital.

UMthetho Osaluhlaka (i-Green Paper) maqondana nalo Mshwalense kaZwelonke wezeMpilo (iNHI) ubalula ukuthi iNHI izoqaliswa ukusebenza ngokwezigaba kule minyaka eyi 14 elandelayo. Eminyakeni emine yokuqala kuzogxilwa ohlelweni lokuQinisa Ukusebenza Ngempumelelo koHlelo lwezeMpilo kanti yilokhu okuzokwenziwa kuzo zonke izifunda okuvivinywa kuzo lolu hlelo:

- Ukuthuthukiswa kweNgqalasizinda

- Ukuhlela, ukuThuthukiswa kanye nokuPhathwa kwezabasebenzi
- Ukwenziwa ngcono Kweqophelo Lezemisebenzi yezeMpilo ngokuhambisana neminxaxha eyi 6 ebekwe yaba seqhulwini yama- National Core Standards
- Ukuvuselelwa kabusha koHlelo Lokunakekelwa kwezeMpilo emikhakheni emithathu: uHlelo lezeMpilo Ezikoleni, Abasebenzi bezempilo Abazogxila kumaWadi oMasipala, ukubuyekezwa kwamanani osizo lwezempilo (ahambisane nakazwelonke) kanye nokuqasha ngenkontileka oDokotela ezikhungweni zezempilo ezinikezela ngosizo.

Somlomo, ngifisa le Ndlu ike iqaphele amazwi ashiwo nguMhlonishwa uDkt Nkosazana Dlamini Zuma, uSihlalo WeKhomishini Yenhlangotho Yamazwe Ase-Afrika, okade eyisikhulumi sosuku eNgqungqutheleni, iWorld Health Assembly, eGeneva mhla zingama- 21 kuNhlaba wezi 2013, lapho ethe, "...Ngakuqaphela ukuhlobana okukhulu kwezempilo nethuthuko ngenkathi ngiseyintombazanyana ngisakhula ePholela, endaweni esemakhaya KwaZulu-Natali, eNingizimu Afrika. Imbangela yalokhu kwabe kungukubona imisebenzi kaDkt Sidney, u-Emily Kark kanye John Cassel." Unezezele wathi, "Bayeka ukulandela indlela yokugxila ezifweni nokukholelwa ukuthi izibhedlela yizo ezisemqoka ekunikezeleni ngosizo lwezempilo, bakha isikhungo sezempilo ePholela, lapho engakhulela khona. Lona kwabe kungumzamo wokuqala wokudidiyela izinhlelo, ukuletha izinguquko ezihlelekile emazingeni omphakathi, ezamasiko kanye nasendleleni yokuziphatha ngokusebenzisa izinhlelo zokwelapha ezihambisana nosikompilo lwabantu. Bakuqonda ukuthi ububha bunomthelela omkhulu ezinkingeni zezempilo ezikhungethe indawo, yingakho babona ukuthi bandise umsebenzi wabo ukuze ubandakanye ukwenziwa ngcono kwezindlu zokuhlala, izindlu zangasese kanye nokutholakala kwamanzi ahlanzekile. Baphinde bafundisa imiphakathi ukuthi izitshalele ukudla emasimini futhi ifuye izinkomo ezimbalwa ukuze ikwazi ukuthola ubisi. Bafundisa omama ngokubaluleka kokudla ukudla okunomsoco. Omunye umsebenzi wabo osemqoka kwabe kuyizinhlelo zokugoma, ezazibandakanya nokuhambela izikole nemiphakathi. Babepinde bagqugquzele ukukhuthazwa ukunakekelwa kwempilo kanye nokuvikela impilo."

"Kwathi uma bebona ubunzima iziguli ezihlangabezana nabo, ikakhulu omama abazithwele, uma sebedinga ukufinyelela ezikhungweni zezempilo ngenkathi

sebesikwa, bakha abakubiza ngokuthi “waiting houses” okusho izindlu zokulinda zebesifazane abazobeletha. Somlomo, kuyangithokozisa ukuthi umsebenzi kaDkt Sidney no-Emily Kark awubanga yize leze. Ekulungiseleleni kwethu uhlelo i-NHI, sigqugquzela le ndlela yokusebenza. Impumelelo yokusebenza kwalolu hlelo ikhombisa ukwehlukahluka ngokwezindawo lolu hlelo oluvivinywa kuzo; nokho-ke impumelelo esizuziwe yile:

- Ukuvuselelwa kabusha koHlelo Lezokunikezelwa Kosizo lezeMpilo seluqalisiwe futhi luqhubeka kahle
- Uhlelo lokuqasha odokotela ngezinkontileka luza kahle kakhulu
- Sekuphuthuliwe ukuqeqeshwa nokuthuthukiswa ngamakhono kweZikhulu Eziphezulu Zezibhedlela (amaCEO)
- Seluqalisiwe uhlelo lokuqeqesha maqondana nokuqoqwa, ukuphathwa kanye nokuhlaziywa kolwazi
- Izinsiza ezingomahambanendlwana zeziyasebenza kwezinye izindawo
- Amathimba abhekele ezempilo ezikoleni nawo enza lolu hlelo lusebenza ngokugcwele
- Yonke imitholampilo ezizindeneni ezingaphansi koHlelo lukaZwelonke loMshuwalense wezeMpilo (NHI) sezihlinzekelwe ngezinsiza kusebenza ezibalulekile.

Ekuqalisweni kokusebenza kweNHI, zonke izibhedlela zikahulumeni zizosebenzisa uhlelo lwe-ICD 10 coding system. Ngaphandle kohlelo lokubuyiselwa kwemali olumaqondana nondlela yokukhokha, ukusetshenziswa kohlelo lwe-ICD 10 lusiza ekuhlukaniseni izinhlobo zezifo, ekuhlaziyeni imithelela yesifo kanye kasekwabeni zinsiza.

Somlomo, sesiwubheke ngabomvu uMthetho Owuhlaka Osadingidwa (White Paper) omaqondana ne-NHI, okulindeleke ukuba uphume maduze.

UKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA

IsiBhedlela Sezingane KwaZulu-Natali

Somlomo, umbono kaNelson Mandela, owayenguMengameli waseNingizimu Afrika phambilini nowasungula i-Nelson Mandela Children's Fund wawucacile ngenkathi ethi, "Ukwakhiwa kwesibhedlela sezingane kuzoveza ngokusobala ukuzinikela kwabaholi baseNingizimu Afrika ekwaziseni amalungelo ezingane. Akukho okuyodlula lokhu."

Kuyangijabulisa namuhla ukwazisa indlu ukuthi nathi sibambe iqhaza kulowo mbono KwaZulu-Natali. Sewuqalile umsebenzi wokuvuselela kabusha iSibhedlela Sezingane esingacwasi ngokwebala sokuqala e-Afrika (esakhiwa ngonyaka we 1931), isiBhedlela Sezingane saKwaZulu-Natali, okungumklamo ozoqhutshwa ngezigaba ozothatha isikhathi esiyiminyaka emihlanu, ngesamba esilinganiselwa ezigidini ezingama R228.

Sekusungulwe iKZN Children's Hospital Trust; uMnyango sewusebenzise isamba sezigidi ezingama R30 maqondana nalo mklamo futhi uphinde wengeza isabelomali sezigidi ezingama R20 kulo nyaka wezimali wezi 2013/14.

NgoMbaso wezi 2013 kwaphothulwa isigaba sokuqala sokwakhiwa koPhiko Olubhekelele Iziguli Ezelashwa Zidedelwe ngosuku, Amagumbi okuqeqeshela kanye nawemihlangano kanjalo namaHhovisi, okwadla isamba esiyizigidi eziyi R18.2 futhi kuhlelwe ukuba kuqale ukusebenza mhla lu 1 kuNtulikazi wezi 2013.

Isigaba sesibili sesiqaliwe kanti esesithathu sihlelelwe ukuba siqale ngonyaka wezimali wezi 2014/15. Impumelelo yalo mklamo incike kakhulu oxhasweni esiluthola ngaphandle, kepha ngiyabanxusa ozakwethu abanomusa embonini yezabambhizinisi ukuba bafake isandla ekuvuselelweni kwalesi sakhiwo esinomlando esiFundazweni sakithi.

UHlelo Lokuvuselelwa kweziBhedlela

Somlomo, eminyakeni emithathu edlule kube nempumelelo enkulu maqondana nokuthuthukiswa kwengqalasizinda, futhi imiphumela yalokho iyabonakala. Ngizosika elijikayo nje ngeminye yemiklamo eqhubekayo.

ISIBHEDLELA/ UMTHOLAMPILO /IHC	UMKLAMO	WAQALA NINI	USUKU LOKUPHOTHU LWA KWAWO	KUBIZA MALINI
I-Edendale	Umtholampilo iCDC, uPhiko Olubhekelele Abalimele kanye nezimo eziphuthumayo kanye noPhiko oluqondene neziguli ezelashwa zidedelwe ngosuku	Sewuqaliwe futhi uqhubeka kahle	Nhlangulana 2014	R136.5m
	Ukulungiswa kabusha kwewadi labagula ngengqondo, imigwaqo kanye nendawo yokupaka ngokunjalo nokufakwa kabusha kukagesi	Uqhubeka kahle futhi sowuzopho- thulwa	NgoNhlabane wezi 2013	R40.4m
I-Rietvlei	Indawo yokuhlala yabasebenzi	Sesiphothuliwe isigaba sokuqala	Sowuwonke uzophothulwa ngowezi 2014	R110m
	Ikhemisi, ilondolo, indawo yokukhanda , nokunye	Sewuyaqhubeka	NgoMfumfu wezi 2013	R33m
I-King Dinuzulu	Isibhedlela sesiFunda esifaka imibhede engama	Waphothulwa ngonyaka wezi 2011	Saphothulwa ngonyaka wezi 2011savulwa	R466.1m

	400		ngoMasingana wezi 2013	
	Izikhungo zabagula ngenqondo kanye nesabanesiFosofuba	Usuqaliwe futhi konke kuhamba kahle	Kumele ube usuqediwe ngowezi 2013/14	R161.2m
I-Lower Mfolozi	Imisebenzi emikhulu - Izikhungo Ezibhekelela omama kanye nabantwana	Sekuqalisiwe ukwakiwa koPhiko lwabesimame abazolindela ukubeletha, indawo yokucina izidumbu, igumbi lokwenza ucwaningo, isikhungo esibhekelela izimo ezibucayi, kanye nekhishi	Kuzophothulwa ngoNhlolanja wezi 2015	R347.8m
INgwelezane	Uphiko Lwezokwelapha, i-OPD uMtholampilo Wabagula ngenqondo		Lwaphothulwa ngoMfumfu wezi 2012	R12.6m
	Iwadi elinemibhede engama 72, indawo yokucina izidumbu, indawo yokukhanda imishini; kanye nokulungiswa kukagesi	Sekuqaliwe futhi kuqhubeka kahle	Kuzophothulwa kulo nyaka zimali	R150.2m

Isibhedlela i-Edendale

Ukunwetshwa kanye nokuvuselelwa kabusha kwesiBhedlela i-Edendale kuhamba kahle kakhulu. Lokhu kuyingxenye yokuthuthukiswa kwezikhungo ukuze zihambelane noHlelo loMshwalense Wezempilo kaZwelonke. Sekuqalile ukwakhiwa koMtholampilo Omusha Obhekele Izifo Ezithathelanayo, uPhiko Lwabalimele kanye Nalabo abadinga usizo oluphuthumayo, kanjalo noPhiko Lwabelashwa badedelwe ngosuku okudle ezigidini ezingama R136.5 futhi kumele kube sekuphuthuliwe ngoNtulikazi wezi 2014.

Eminye imiklamo yokwakha kulesi sibhedlela kubandakanya ukuvuselelwa kabusha kweWadi Labagula ngengqondo, ukulungiswa kabusha kwemigwaqo kanye nezindawo zokupaka kanjalo nokuguqula kokusetshenziswa kwamandla omusi oshisayo ukuze kusetshenziswe ugesi, okulindeleke ukuba kuphuthulwe ngoNhlanguvana wezi 2013.

Isibhedlela iRietvlei

NgoNhlaba wezi 2012 kwaphothulwa ukulungiswa koMgwaqo Ongenela Esibhedlela. Lo mklamo wamiswa ngonyaka wezi 2011 kanti- ke manje sewuyaqhubeka futhi kulindeleke ukuba uphuthulwe ngoMfumfu wezi 2013. Umklamo ulinganiselwa ezigidini ezingama R33 kanti futhi uhlanganisa ukwakhiwa kweKhemisi Elisha, iZindawo Zokulungisa Imishini, Ilondolo, iHhovisi elibhekele ezokuthutha kanye neNdawo Yokupaka izimoto.

Sesiphuthuliwe isigaba sokuqala sokwakhiwa kwamagumbi okuhlala abasebenzi esidle izigidi ezingama R110, kanti konke okunye okusilele kuzophuthulwa ngonyaka wezimali ozayo.

IsiBhedlela i-King Dinuzulu

Somlomo, isiBhedlela ebesaziwa ngokuthi yi-King George V sethiwe kabusha sabizwa nge-King Dinuzulu, sabe sesivulwa ngokusemthethweni nguHlangalwezwe mhla zingama 29 kuMasingana wezi 2013.

Lesi sibhedlela sibandakanya uPhiko olunemibhede engama 400 olusesigabeni sokuqala olwaphothulwa ngowezi 2011. Izikhungo zokwelapha Abagula Ngengqondo kanye nabaneSifo Sofuba sekusemaphethelweni okuyisigaba sokugcina sokwakha. Ngonyaka wezi 2013/14, uMnyango uzophothula ukwakhiwa kwendawo entsha yokuhlala abaneSifo Sofuba kanye neSakhiwo esizobhekelela lesi sifo, uPhiko Oluqondene ngqo nabagula Ngengqondo kanye nokwelashwa kwabanesifo sofuba oludle izigidi ezingama R134. UPhiko Olusha Olubhekelela ngqo abagula ngengqondo olunemibhede eyi 130 oludle izigidi ezingama R27.2 kulindeleke ukuba luphothulwe ngoNhlaba wezi 2014.

Isibhedlela iLower Umfolozi War Memorial

Lesi sibhedlela, esigxile kakhulu emisebenzini eqondene nomama kanye nabantwana, kuqhutshwa umsebenzi omkhulu obandakanya ukuvuselelwa kabusha kanye nokunwetshwa kwaso okuzodla izigidi ezingama R347. Umklamo kulindeleke ukuba uphothulwe ngoNhlolanja wezi 2015. Isigaba sokuqala esibandakanya uPhiko Lokuhlalisa omama abazolindela uma bekhulelwe, amagumbi okwenza ucwaningo, Ikhishi kanye nesikhungo esibhekelela izimo ezibucayi, sesiphothuliwe.

IsiBhedlela iNgwelezane

NgoMfumu wezi 2012 kuphothulwe uPhiko olusha Lwezokwelapha kanye nokuguqulwa kwamaWadi Abagula Ngengqondo abe nguMtholampilo Oqondene nabantu abagula ngokuhambisana nengqondo abelashwa badedelwe ngosuku okudle izigidi ezingama R12.6. Eminye imiklamo ebiza izigidi ezingama R150.2 kumele iphothulwe kulo nyaka wezimali esikuwo. Lokhu kubandakanya ukwakhiwa kwewadi eisha elinemibhede engama 72, indawo yokugcina izidumbu, izindawo zokukhandwa kwemishini, kanye nokuvuselelwa kabusha kweKolishi Lokuqeqesha Abahlengikazi, amaphaseji esibhedlela, ukuguqulwa kokusetshenziswa komusi oshisayo ukuze kusetshenziswe ugesi, ukufakelwa kabusha kwamapayipi kagesi kanye namanzi.

Somlomo, kusemqoka ukuba sibheke isimo semiklamo yezibhedlela ezimbili ezinkulu, okuyisiBhedlela iPixley ka Isaka Seme kanye neDr Langalibalele Dube. Kuyangijabulisa ukubika ukuthi emva kokubambezeleka iminyaka eminingi ngenxa yezingqinamba zezezimali maqondana nepulani yesiBhedlela iPixley ka Isaka Seme izoqalwa ukwakhiwa kulo nyaka wezimali omusha. Lokhu kuzokwenza ukuba imisebenzi eyenziwa ezingeni lesifunda isuswe esiBhedlela i- Mahatma Gandhi Memorial iyiswe kulesi sibhedlela esisha. Yize ukwakhiwa kwesiBhedlela iDr Langalibalele Dube nako bekusezinhlelweni zethu, ngenxa yokwehliswa kwesabelomali sethu, angeke sakwazi ukuba sakhe zombili izibhedlela ngesikhathi esisodwa. Kepha-ke manje sisazama izindlela zokuthola imali ezibandakanya ubudlelwano nezimboni Ezizimele noHulumeni, futhi ngizosebenzisana nozakwethu uMhlonishwa Ina Cronjé maqondana nalokhu.

UHlelo Lokwakhiwa Kwemitholampilo Emisha

Somlomo, manje ngifisa ukwethula umbiko maqondana nohlelo lwethu oluqondene nokwakhiwa kwemitholampilo.

UNYAKA	INANI LEMITHOLAMPILO/AMA-CHC	ISIMO SAWO
2012/13	Imitholampilo eyi 8	Seyiphothuliwe
2013/14	Kwakhiwa imitholampilo engama 25	Engama 20 izophothulwa ngowezi 2013/14
2013/14	AmaCHC amane (4) asakhiwa	Azophothulwa Ngowezi 2014

Ngonyaka wezi 2012/13, uMnyango uphothule ukwakha le mitholampilo elandelayo:

- I-Elandskraal Clinic ekuMasipala wesiFunda saseMzinyathi,
- I-Ezimwini (kwaMahleka) Clinic ekuMasipala wesiFunda saseMgungundlovu,

- I-Maphumulo Clinic ekuMasipala wesiFunda iLembe,
- I-Mbabane Clinic ekuMasipala wesiFunda saseMajuba,
- I-Mbotho Clinic ekuMasipala wesiFunda sasoGwini,
- I-Nogajuluka Clinic ekuMasipala wesiFunda sasoThungulu,
- I-Wosiyane Clinic ekuMasipala wesiFunda iLembe,
- I-Thalaneni Clinic ekuMasipala wesiFunda saseMkhanyakude.

Eminye imitholampilo emisha engama 25 isakhiwa futhi kulo nyaka wezimali kulindeleke ukuba kuphothulwe engama 20.

UNgqongqoshe WesiFundazwe usebone kungcono ukuba azibambele mathupha maqondana nemisebenzi yezempilo kanye nokuzibophezela emphakathi. Kuyagqama ukubambisna kwethu nemiphakathi lapho sinemicimbi yokuvula imitholampilo. Ingama 25 imitholampilo eyavulwa eminyakeni yezimali emibili edlule kanti kuhlelwe ukuba kuvulwe eminye eyi 10 kulo nyaka.

Kuyangijabulisa ukumemezela ukuthi uMnyango ngokubambisana ne Sanofi-Aventis South Africa kanye neMama Tobeka Madiba-Zuma Foundation (TMZF) sekuholele ekwakhiweni komtholampilo odidiyele ukwelapha isiFo soFuba kanye neSandulela-ngculazi odle izigidi ezingama-R3 esiFundeni saseMzinyathi endaweni ebizwa ngeMaxili, eNquthu, Lo mklamo uzoba ngumklamo osavivinywa ukuhambelana NoHlelo Lwamasu Okusebenza lukaZwelonke maqondana neSandulela-ngculazi, izifo Ezithathelana Ngokocansi kanye Nesifo Sofuba (NSP) olwethulwa nguMengameli uJacob Zuma kanye noNgqongqoshe Wezempilo kuZwelonke, uDkt Aaron Matsoledi. UMnyango wengeze izigidi ezingama R18 maqondana nokunwetshwa komtholampilo ukuze kufakwe indawo yokuhlala, uphiko oluqondene nabakhulelwe kanye neminye imisebenzi.

UHlelo Lokwakhiwa Kwezikhungo Zezempilo Zomphakathi

Somlomo, emizamweni yethu yokwenza ngcono izinsiza zezempilo emiphakathini yethu yasemakhaya, sesiqalise ukwakha izikhungo zezeMpilo (ama - CHC) ezintsha ezizodla izigidi ezingama R524. Izinsiza ezididiyelwe ezizohlinzekwa kulama – CHC zizokuba yiKhemisi, iRadiography, igumbi lokuBelethisa, Indawo YoMama Yokulindela Ukubeletha, Uphiko Lokunikezela ngemishanguzo, ama-ARV, kanye Nezindawo Zokuhlala Abasebenzi. Eminye imiklamo eqhubekayo ngukwakhiwa kweDannhauser CHC, yiJozini CHC, yiPomeroy CHC kanye neGamalakhe, zonke sezimazingeni ahlukehluke futhi kulindeleke ukuba ziphothulwe ngowezi 2014.

Amakolishi Abahlengikazi

Njengamanje kuqhubeka ukuvuselelwa kabusha kwamakolishi Abahlengikazi i-Addington kanye ne-Edendale okuzodla izigidi ezingama R85, okulindeleke ukuba kuphothulwe ngoMfumfu wezi 2013 kanye nangoMbaso wezi 2014, ngokulandelana.

Eminye Imiklamo Emikhulu

Ngonyaka wezimali wezi 2012/13, uMnyango waphothula imiklamo emikhulu engamashumi amathathu nanye (31). Eminye yale miklamo emikhulu yokwakha kulo nyaka wezimali ibandakanya i-Addington, iStanger, i-Emmaus, iG J Crookes, iChurch of Scotland, iMurchison kanye neTown Hill kanjalo nendawo yokugcina izidumbu yasePhoenix. Eminye yale miklamo yokwakha izophothulwa kulo nyaka wezimali kanti eminye eminyakeni eminye ezayo.

Ukunakekela

Somlomo, ukuhambisana nemiklamo emisha yengqalasizinda, kunezinhlalo ezikhona ezizobhekelela ezokunakekela ukuze kuqinisekise ukuthi izikhungo zethu zezempilo zinakekeleke ngendlela efanelekile. Izikhala zemisebenzi ebucayi sezigcwalisiwe kanti uMnyango manje usuqalise ukusebenza kohlelo lwawo lokunakekela olubizwa nge-Annual Maintenance Plan. Umshikashika wohlelo

oluhlose ukwenza ngcono kanye nokukhipha imishini yokusebenza emidala nengasasebenzi seluyaqala ukuthela izithelo.Uhlelo lubandakanya ukushintshwa kanye nokulungiswa kabusha kwamaKheshi amadala, ama-Autoclaves, imishini Yaselondolo kanye namaGenerator Ezimo Eziphuthumayo okudle izigidi ezingama R328.

UKUKHWABANISA KANYE NENKOKHLAKALO

Somlomo, ngowezi 2009 sisungule ithimba elijutshelwe ukulwisana nokukhwabanisa kanye nenkohlakalo. Ngiyajabula ukwazisa indlu ukuthi le mizamo isiveze imiphumela emihle kakhulu. Isu lethu kanye neqhinga lokulwisana nenkohlakalo ngaphakathi eMnyangweni wezeMpilo lisebenza kahle kakhulu ngendlela yokuthi neminye esesiFundazweni isithathela kulo. Kumanje, uMnyango sewuxazulule izindaba ezithinta ukukhwabanisa kanye nenkohlakalo ezingama 241. Kulezi, ezingamashumi amahlanu nesishiyagalolunye (59), kuxoshwe abasebenzi (abayi 10 kubona okukhona nezimenenja, eziku level 13 kanye no 14). Abasebenzi abangamashumi amathathu nambili (32) bashiya emsebenzini besaphenywa. Ithebula ngezansi likhombisa inqubekela phambili eyenziwe maqondana nokulwisana nokukhwabanisa kanye nenkohlakalo.

ISIMO	ILeveli 15	ILeveli 14	ILeveli 13	ILeveli 12	ILeveli 9 - 11	ILeveli 1-8	SEBEBONKE
Ababekwe amacala base bexoshwa	0	1	7	9	17	43	77
Ababekwe amacala base besula emsebenzini	1	4	6	6	2	23	42
Asalinde– Ukuqulwa enkantolo yabasebenzi	0	1	0	0	0	0	1

Asalinde– Ukuqulwa enkantolo yabasebenzi	0	0	0	2	1	11	14
Ababekwe amacala base benikezwa isexwayiso sokugcina esibhaliwe	0	0	4	4	24	57	89
Ukuqondiswa Izigwegwe kuyaqhubeka	0	0	2	2	6	13	23
Abamisiwe emsebenzini	0	2	2	3	8	6	21
Abehlisiwe esikhundleni	0	0	0	1	1	0	2
Ababuyiselwe emsebenzini	0	0	0	0	0	5	5
Asebebuyile kade bemisiwe emsebenzini	0	0	1	2	2	6	11
Abatholwe benecala abalinde isigwebo	0	0	0	0	0	1	1
SEBEBONKE	1	8	22	29	61	165	286

Somlomo, ngesikhathi sisabhekane nezinsolo zokuthengwa ngenkohlakalo kwemishini yokwelapha amathumba esibhedlela i-Addington Hospital; sesithathe isinqumo sokuba sikhokhele inkampani ethintekayo njalo ngenyanga ukuze umshini usetshenziswe ngesikhathi sisaqhubeka naleli cala. Ukuqhubeka nokuqinisa imizamo yethu yokulwisana nokukhwabanisa kanye nenkohlakalo, sesisungule

aMathimba esiFunda Alawula Ukuthengwa Kwempahla ukuze asize emizamweni yethu yokunciphisa ukusetshenziswa kwezimali ngokungekho emthethweni kanjalo nasekuguquleni isikhathi sokuhlinzekwa kwezimpahla nemisebenzi.

Sesiphinde saqalisa umkhankaso esiwubiza ngowokukhuculula uhlelo lwePERSAL ukuze sithole futhi sikhuphe “abasebenzi abayizipoki” abasohlwini ngokungemthetho eminyakeni eminingi. Lo msebenzi sewuphuthuliwe ezikhungweni eziyi 12, ngalokho, sekutholakale labo basebenzi abayizipoki abangama 68.

Ukubandakanywa Komphakathi

Ukusabela ekhweleni likaMengameli wethu, lokwazi lapho kuhlala khona abantu bakithi nokuthi badingani, kwenziwa imicimbi eyi 1 090 ngaphansi kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe esikhathini esiphakathi kukaMfumfu wezi 2009 kuya kuZibandlela wezi 2012, eyabe iyimikhankaso yokuqwashisa ngezempilo emphakathini. Ukuhambisana nemigomo yokuthuthukisa ezokuxhumana, sesiphinde saqinisa izinhlelo zethu zezokuxhumana ukuze sazise imiphakathi ngolwazi lwezempilo kanye nokuyifundisa ngokusebenzisa izinkundla zokuxhumana ezifaka izikhangiso ezingama 60 emisakazweni, ukusakaza lapho umsakazi umbona ngqo kanye nezimemezelo zomphakathi. Sesisebenzise ngempumelelo izingqwembe ezinkulu zokukhangisa emigwaqeni lapho senza imikhankaso yokuzwakalisa ukungahambisani nobaba abadala abathandana nezingane kanye nendlela yokuphila enempilo.

UHLELO 5: UKWEHLISA IZIFO EZINGATHATHELANI

Somlomo, kuyacaca ukuthi uma sesinqobile isiFo seSandulela Ngculaza kanye neNgculazi kanye neNgculazi, inkinga yethu enkulu elandelayo iziFo ezingathathelani. Uma sivumela lezi zifo ukuba ziqhubeke zingancishiswa, zizokwanda zibe iyona mbangela enkulu yokugula kwabantu kanye nokushona kwabantu abaningi esikhathini esingekho kude. Yingakho nje umkhankaso wethu omaqondana nendlela yokuphila enempilo uhlinzeka ngendlela ebhekela yonke

imikhakha yokuphila okunempilo futhi sewuvule inkundla lapho abantu bezozibophezela ekunakekeleni impilo yabo, ngokwenze njalo bazonciphisa umthethela wezifo ezihlobene nendlela yokuziphatha.

Ukuphila Kwengqondo Kanye Nokusetshenziswa Budedengu Kwezidakamizwa

Somlomo, ukugula ngengqondo kanye nangemizwa kwenza ama 14% engcindezi elethwa yilesi sifo emhlabeni wonke. Lapha KwaZulu-Natali, iTheku yilo elinesibalo esilandela isibili kubuningi babesilisa kanye nesesine kubukhulu babavame ukwelashelwa ukusebenzisa izidakamizwa. Njengoba uMnyango sewusungule amaBhodi Abhekelela Ukuphila Kwengqondo, kusemqoka ukuba siqinise ukulwisana kwethu nokugula ngengqondo, ikakhulu okudalwa ngokusebenzisa budedengu izidakamizwa.

Somlomo, sonke siyayazi imithelela emibi nedangalisayo yezidakamizwa ezinjenge “Whoonga” kanye ne- “Sugars”, ukusetshenziswa budedengu kwemithi ekhishwa ngodokotela, lena esitholakala kalula kuzo zonke izinhlaka zomphakathi.

Ukukhubazeka kanye Nezokuhlumelelisa

Imisebenzi yoMnyango ebhekelele ukuKhubazeka kanye nokuhlumelelisa ihlinzekwa cishe ezibhedlela kanye naseziKhungweni zezeMpilo zomphakathi ezingama 90%, kuphinde kuhlinzekwe ngemisebenzi yokufinyelela kubantu emitholampilo njalo ngesonto nanjalo ngenyanga. Kusukela ngonyaka wezi 2010 sesisize abantu abayizi 350 000 saphinde sakhupha izinsiza eziyizi 165 955 okuhlanganisa izihlalo zamasondo, izinsizakuhamba, izinsiza zabangaboni emehlweni kanye nezinsizakuzwa.

Kulo nyaka wezi 2013/14 sabe imali elinganiselwa ezigidini ezingama R20 ukuze kuthengwe ezinye izinsiza.

Siyajabula ukusho ukuthi selokhu kwethulwa i-Operation Sukuma Sakhe, imisebenzi yokufinyelela kubantu seyithuthukile ngenxa yokusebenzisana kwezingxenye ezahlukene zoMnyango nezinhlangano ezahlukene. Singabika futhi ukuthi uMnyango

uphinde waqeqesha abantu abangama 20 abanokukhubazeka ukuthi babe ngaBeluleki ngeSandulela Ngculazi.

Izifo Ezingalapheki, Ukwelashwa Kwabadala (Geriatrics) Kanye Nokunqandwa Kokungaboni Emehlweni

Somlomo, izifo ezingalapheki okuyizona ezisikhathaza kakhulu esingabala kuzo isifo sikashukela, izifo eziphathelene nezinsu, isifo somfutho wegazi, zihlasela abantu abadala. SinguMnyango siqalise izinhlelo ezahlukene zokulwa nalezizifo, ukuhlolwa kanye nokwelashwa kwazo.

Siphinde futhi saba nemikhankaso eminingana yokuqwashisa ngezifo ezifana nomdlavuza, isifo samathambo, isifo sokuba nebala elimhlophe kakhulu lesikhumba, isifo somfutho wegazi kanye nokunakekelwa kwamehlo, ebiqhutshwa ngendlela yokuba nemicimbi, ukufundisa ngezempilo kanye nezingxoxo emsakazweni. Ngokusebenzisana nabeSouth African Sugar Association, sekuqeqeshwe abasebenzi bezempilo (Abahlengikazi abaqeqeshiwe, Abahlengikazi abasaqeqeshwa, Abazi kabanzi ngezokudla kanye Nabeluleka ngokudla okunomsoco nokondleka komzimba) abangama-350 ezifundeni eziyisi 7 maqondana nokulawulwa kwesifo sikashukela.

Ukunakekelwa Kwamehlo

NgoMklamo Wokunakekelwa Kwamehlo Ezingane, sesikwazile ukuhlola izingane ezifinyelela kuma 237 556 futhi sakhapha izibuko eziyi 190 798.

Somlomo, kusemqoka futhi ukuphawula ukuthi imisebenzi yethu yokunakekelwa kwamehlo seyikwazile ukufinyelela kubantu abangama 106 363 abangahle basizakale, abangama 32 127 kubo bahlinzelwa ukwengula esikhathini esiphakathi konyaka wezi- 2009 kuya kowezi 2013; abangama 2 595 bahlinzelwa i-glaucoma kwathi kwabangama 242 136 kwalungiswa izinkunga zokubona kahle. Ukusebenzisana kwethu nabe-African Vision Trust kube kuhle kakhulu ngendlela yokuthi zingaphezu kwama 674 iziguli ezibuyelwe ukubona kwazo ngonyaka wezimali odlule; kanti bangama 750 okumele besekwe ngonyaka wezimali wezi

203/14. Ukusebenzisana kwethu nabe-Orbis International, okuyinhlangotho engekho ngaphansi kukahulumeni (NGO), okwethulwa mhla zingama 21 kuMfumfu wezi 2011 sekwenze kwaqiniswa uhlelo lokunakekelwa kwamehlo ezinganeni, okuholele ekuncipheni kwesikhathi sokulinda ukuze uthole lolu sizo sisuka ezinyangeni eziyisi 6 kuya kwezi 3.

Ezempilo Maqondana Nomlomo

Somlomo, ezempilo ezimaqondana nomlomo zingolunye lwezinhlelo zethu oselube negalelo kwezempilo kanye nenhlalakahle jikelele yezakhamuzi zakithi.

Izakhamuzi zakithi esezikhulile kade zaqala zikhala ngokungabikho kwezinsiza maqondana namazinyo okufakelwa emkhakheni kahulumeni kanti ukufakelwa amazinyo emkhakheni ozomele kumba eqolo. Siyathokoza ukumemezela ukuthi sesivuselele amalabhorathri ezamazinyo futhi sesinqume ukuthi kube khona enye e-Inkosi Albert Luthuli Central Hospital. Kuze kube manje zingama 200 izakhamuzi esezikhulile esezithole amazinyo okufakelwa emalabhorathri ethu kanye nakwi- Oral and Dental Training College, ese-King Dinuzulu Hospital kanye nase-IALCH ngokuhlanganyela. Sifisa ukwazisa umphakathi ngokuba khona kwalolu sizo.

Ngonyaka odlule, zivuselelwe izinsiza zezempilo maqondana nomlomo ezikoleni, bangaphezu kwama 600 000 abafundi abathole lolu sizo, okuyingxenye yoHlelo lwezempilo ezikoleni. Okwamanje senyusa isibalo sabasebenzi bethu ukuze lolu sizo lwenabele kuzo zonke izikole ikakhulu lezi ezahlonzwa njengezihlwempu kakhulu (Quintile 1 no- 2).

Ngonyaka odlule, kwethulwe omahambanendlwana abayisi 6 abasezingeni lomhlaba abanazo zonke izinsizakusebenza futhi maduze nje sebezofakwa nasezizindeni zezifunda zokulinga iNHI. Ukunakekelwa kwezempilo, ukunakekelwa komlomo kanye namehlo nakho kuzoqiniswa yilab'omahambanendlwana.

Izinhlelo ZezeMpilo ZeNtsha

Somlomo, ngonyaka weze 2011, uMnyango wasungula uPhiko olubhekele iNtsha, Ubulili kanye Noguquko ukuqinisekisa ukuthi ziba khona izinsiza ezibhekele intsha kuzo zonke iziKhungo zezeMpilo zoMphakathi esiFundazweni sakwaZulu-Natali.

Ngokusebenzisana noMnyango wezeMfundo, lolu phiko seluqalise uhlelo lokusungula amaThimba Ezempilo Ezikoleni azobhekana nesimo sokukhulelwa kwentsha, ukusetshenziswa budedengu kwezidakamizwa, ukuhlinzeka ngokufundisa ngezempilo kanye nokuhlolwa.

Ngaphezu kwalokho, aManxusa ethu eNtsha asebenzisana nontanga yawo emphakathini futhi agqugquzela ukushintshwa kwendlela yokuziphatha. Kulindeleke ukuthi le ndlela ephelele yokubhekana nezempilo entsheni izoba nemiphumela emihle esiFundazweni sethu.

ISIPHETHO

Somlomo, ngaphambi kokuba ngiphethe, ngizothanda ukubalula okumbalwa okuthe ukugqama ezinyangeni ezimbalwa ezedlule. Njengoba nazi ukuthi bekulindeleke ukuthi sibhekane nodaba lokuxhasa ngemali ezinye zezikhungo ezilekelelwa ngezibonelelo, sikwazile ukubhekana ngempumelelo nodaba lwase-McCord's Hospital, iSt Aidan's Hospital kanye noPongola Hospital. Angikuphawule ngokukhethekile ukuthi singuMnyango wezeMpilo akukaze futhi angeke kuze kube yinhloso yethu ukuvala isibhedlela. Kunezimo ezithile eziqhamukayo ezikhathini ezithize nokumele zibhekisiswe uma sithatha izinqumo zokunciphisa noma siyeke ukukhokha izimali kwezinye izikhungo. Nakuba ezinye zalezi zinqumo zingehli kahle emiphakathini, kepha kumele zithathwe.

Ngike ngahambela iSibhedlela oPongolo ngaxoxisana nomphakathi, manje ngiyakholwa ukuthi sebekuqonda kahle ukuthi kungani sizonqamula ukuxhasa ngezimali lesi sibhedlela ngonyaka wezimali olandelayo.

Angengeze ngokuthi isiyonke impumelelo yethu ibandakanya isinyathelo esisithathile sokwehlisa kakhulu izindleko okuholele ekuthini umnyango wenze kahle ekusetshenzisweni kwezimali ngonyakamali wezi 2012/13.

Seqa ngo 0.39% kwisabelomali esabe sisinikiwe. Lokhu kuhambisana nokulwa kwethu nokukhwabanisa nenkohlakalo, imizamo yethu yokuthi sithole umbiko omsulwa wezokucwaingwa kwamabhukube ngonyaka wezi 2014 kanye nokuziphatha kahle kwezezimali, Ngiyaziqhenya ukusho ukuthi amasu ethu okusebenza, asebenza ngempela!

Sengiphetha Somlomo, ngivumele ngithi “Sesidundubele – Imisebenzi Kahulumeni lyabonakala!” Njengoba imizamo yethu isithela izithelo, sizasimisele futhi sizibophezele ukuqhubeka nomsebenzi wethu. Asikho isikhathi sokungcebeleka, uma sifuna ukwenza ngcono zonke izingxenye futhi senze umehluko empilweni yabantu bakithi. Ngokuqaphela ukwehla kwesabelomali kanye nomthelela okunawo, ngethula kule ndlu isabelomali ngokohlelo ngalunye, ngokubona kwethu kuzoqhubeka nokuqinisa ukunikezelwa kwezidingo zezempilo esiFundazweni sethu.

Isamba Sesabelomali sonyaka wezi 2013/14: R 28 647 877 000

UHlelo 1:	Ezokuphatha :	R 591 078 000
UHlelo 2:	Izinsiza zezempilo ngokwezifunda :	R 13 063 776 000
UHlelo 3:	Izimo eziphuthumayo :	R 972 362 000
UHlelo 4:	Izinsiza zezibhedlela ezingeni lesifundazwe :	R 8 326 401 000
UHlelo 5:	Ukulethwa kwezidingo ngokuhlanganyela :	R2 922 125 000
UHlelo 6:	Ezesayensi nokuqeqeshwa :	R 992 246 000
UHlelo 7:	Izinsiza zokunakelela ngokwezempilo :	R 143 286 000
UHlelo 8:	Ukuphathwa kwezikhungo zezempilo :	R 1 636 603 000

Somlomo, neNdlu sikholelwa ukuthi le sabelomali esabelwe uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali sizohamba ibanga elide ukuqinisekisa ukuthi umbono “Wempilo ende nenhle kubahlali baKwaZulu-Natali” uyafezeka.

Somlomo ngethula iSabelomali sikaVote 7 kunyakamali wezi 2013/14 esingama

R28 647 877 000 ukuze samukelwe yile Ndlu.

NGIYABONGA